# *Ukukholwa Ngesehlakalo*

Ngiyabonga.

2 Kwangathi nje singalokhu simile umzuzwana, uma nithanda, ngomkhuleko njengoba sikhothamisa amakhanda ethu.

3 Nkulunkulu onoMusa kakhulu, kuWe sinikeza udumo kulobubusuku ngenhlanhla esinayo yokuza eBukhoneni baKho nezinxuso zethu. Nange—isiqiniseko ukuthi siyazi ukuthi esikucelayo, siyakukwamukela, ngoba uJesu wasinika isithembiso sokuthi uma sicela uBaba noma yini eGameni laKhe, Uzosipha khona. Ngakho-ke sizocela kulobubusuku, Nkosi, ukuthi Ubungeke uvumele noyedwa umuntu ahambe lapha edumele, kwangathi labo abezele ukunikela izimpilo zabo kuWe, kwangathi kungenziwa kulobubusuku; labo abeze ukuba bahambe eduze, kwangathi kunganikezwa, Nkulunkulu; labo abazele ukuphulukiswa, kwangathi ngamunye wabo angaphulukiswa. Futhi lapho lenkonzo isiphelile, kwangathi singasho njengalabo ababevela e-Emawuse, "Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu, lapho Ekhuluma kithi endleleni na?" Ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu. Amen.

4 Ningahlala phansi. Ngabe yilena na? Lena ngesebenzayo na? Anginawo umkhuhlane omubi, kodwa ngithe nje ukusha iphimbo kancane ngokukhuluma kakhulu, ngaphakathi, ngaphandle, futhi bengilokhu ngisemvuselelweni njalonjalo kusukela ngoKhisimuzi. Futhi manje sisuka lapha senyukele ezifundeni zaseNew England, emuva ezansi eTexas, bese kuthi-ke ukusuka lapho siya eThekwini, eNingizimu Afrika, bese-ke senyukela eSwitzerland, eJalimane.

5 Futhi kinina bosomabhizinisi bengikhuluma nje noDemos Shakarian, futhi uninika isimemo sokuba nize engqungqutheleni ePhiladelphia, zingamashumi amathathu kuJuni kuze kube zi—kuze kube zizine kuJulayi, lonyaka ozayo, kwi-International Convention of the Full Gospel Christian Business Men. Ngineqiniso ukuthi nizobusiswa ngokuza, ngoba abantu beza bevela emhlabeni wonke jikelele. Iminyaka embalwa edlule, bengiyisikhulumi sabo sasebusuku, futhi ngizoba lapho futhi kulonyaka, uma uNkulunkulu ethanda.

6 Ngakho manje, angifisi ukunihlalisa isikhathi eside kakhulu, kodwa nje ukukhuluma kini kancane eZwini, bese-ke kuba ngumugqa womkhuleko. Futhi ngithemba ukuthi, njengoba isixuku si, sithi uku, siminyene phakathi lapha, ukuthi uNkulunkulu uzosisiza manje ukuba nje sinake kakhulu iZwi ngakho konke esingakwenza.

7 Ngifuna ukuthatha ukufundwa komBhalo kulobubusuku, otholakala kuMarku oNgcwele isahluko 11 nevesi 22:

*UJesu waphendula* wathi *kubo, Kholwani nguNkulunkulu.*

8 Wayenze into ethize nje ukubangela abantu ukuba babe nokukholwa. Indaba yami kulobubusuku ithi: *Ukukholwa Ngesehlakalo.*

9 Futhi manje, kushiwo, futhi kuyiqiniso, ukuthi amagwala afa kazinkulungwane eziyishumi, lapho iqhawe lingafi neze. UNkulunkulu ufuna abantu abanesibindi futhi abangathatha ukuma kwabo. Uma noma yini uKristu ayengenakuyisebenzisa eMbusweni waKhe, bekuyoba yigwala. Manje, siyabona lapha, Wathi, "Yiba nokukholwa kuNkulunkulu."

10 Indawo yokuqala, sifanele sithole ukuthi ukukholwa kuyini. IBhayibheli lithi ukukholwa kungukuqiniseka ngezinto ezithenjwayo, futhi kungubufakazi bezinto ezingabonwayo. Leligama elincane elithi *ukukholwa* lixutshaniswa izikhathi eziningi *nethemba*. Futhi *ithemba*, *ukukholwa*, angumehluko omkhulu nje njengoba imini injalo ebusuku.

11 *Ukukholwa* kungukuqiniseka, ne*themba* yilokho okuthembayo; ukukholwa kuyakhulula. Ukukholwa, kungukuqiniseka ngezinto ezithenjwayo, khona-ke bekungeke kube ngumcabango nje. [UMfowethu Branham ulungisa umphimbo wakhe—Umhl.] (Uxolo.) Bekungeke kube ngumcabango, kungukuqiniseka. Manje, ukuqiniseka yinto onga . . . onayo.

12 Manje, umzimba womuntu ulawulwa yimizwa emihlanu: ukubona, ukunambitha, ukuthinta, ukuhogela, ukuzwa. Kodwa ukukholwa kungumuzwa wesithupha. Ukukholwa kuyinto ethize ongayithinti, uyinambithe, uyibone, uyihogele, noma uyizwe. Isibonelo nje, kukhona inenekazi elihlezi lapha e-oganini. Ungasinika nje indlela encane yehubo elithile elijwayelekile, indlela encane nje na? Isisho esidala besingukuthi, "Ukubona kungukukholwa." Bangaki osewake wakuzwa lokho kuphawula na? Nanko umnyuziki udlala. Bangaki abakukholwayo na? Awu, bangaki abawubonile na? (Ngiyabonga.) Umculo ubudlala futhi awuzange uwubone, khona-ke ukubona akusikho ukukholwa, ngikukholwa kakhulu nje njengokuthi—uma ngikubonile.

13 Kulungile. Ngifuna uze lapha, mnumzane, umngenisi. Nanso indoda imi phambi kwami igqoke ibhantshi elinsundu, uhlobo lweyembe elibukeka libukhwebezane, inezinwele ezimnyama, amabhulukwe ansundu. Bangaki okukholwayo lokho na? Ngiyayibona. Umuzwa wami wokubona yiyonanto kuphela ememezela ukuthi ikhona lapho. (Ukusondela nje kancane.) Manje angiyiboni, kodwa isekhona lapho. Ungathanda ukuphikisana nami ukuthi ayikho lapho na? Ubuyoba nesikhathi esinzima ukungikholisa. Kodwa ngiyazi ilapho ngokufanayo nje njengokuthi bengiyibuka, ngoba nginomunye umuzwa nalowo

ukuthinta, uyasebenza nje njengoba kunjalo ukubona. Ngiyazi ukuthi abangishintshelanga amadoda. Niyazi ukuthi kungani na? Ibinewashi lasesihlakaleni esandleni sayo sokunxele, futhi *nanto*. Niyabo? Ngilibonile ngamehlo ami, manje ngiyalithinta ngesandla sami. Ngakho akusibo ubufakazi obubonakalayo ukuthi ungeke, noma, ubufakazi obubonakalayo akusibo kuphela ubufakazi obukhona. (Ngiyabonga, mnumzane.)

14 Manje, ukukholwa kungukuqiniseka ngezinto ezithenjwayo, kuyiqiniso ngezinto ezingabonwayo, zinambithwe, zithintwe, zihogelwe, noma zizwiwe, uyakukholwa. Lapho ukukholwa kwakho kuthi uzophulukiswa, ngokuyikho nje uma ukubona kwakho kuthi leloyembe limhlophe, yilokho kuphela. Awusadingeki ukuba usakhathazeka, ngoba sekuvele kufeziwe, akukho lutho ezweni olungake lukukhiphe enhliziyweni yakho.

15 Akunandaba ukuthi noma ubani utheni, uma ngikutshele ukuthi leloyembe belibomvu, futhi awuphuphuthekile ukubona umbala, ubuyothi, ubuyophikisana, ubuyothi, "Limhlophe."

Bengiyothi, "Libomvu."

Kodwa wethemba ukubona kwakho, ubuyothi, "Limhlophe, Mfowethu Branham."

"Wazi kanjani na?"

"Ukubona kwami kusho njalo."

16 Khona-ke uma ukholwa ukuthi uzophulukiswa kulobubusuku, kungakhathaleki ukuthi inkathazo yakho iyini, nokukholwa kwakho kukutshela ukuthi uzophulukiswa, kucace nje njengoba ukubona kwakho kusho ukuthi lokho kumhlophe, ubungeke neze wadingeka ukuba uze emgqeni womkhuleko, konke sekuphelile, akukho lutho ezweni ukukuvimbela ukuba uphulukiswe.

17 Manje, ukukholwa kungukuqiniseka, kufana nalokhu: Mhlampe, ukuba-ke bengine. . .? Awu, ungithole ndawondawo ngibulawa yindlala, futhi ngakutshela ukuthi bengilambile futhi ulofu owodwa wesinkwa ubuyosindisa impilo yami, futhi ubuyofaka isandla ephaketheni lakho futhi unginike amasenti angamashumi amabili nanhlanu, uthi, "Nakhu, Mfowethu Branham, awudingi ukuba ubulawe yindlala, ngizokunika amasenti angamashumi amabili nanhlanu ukuba uthole ulofu wesinkwa." Manje, bengiyojabula nje ngamasenti angamashumi amabili nanhlanu njengoba bengiyoba njalo ukuba benginesinkwa. Ngani na? Nginamandla okuthenga ulofu wesinkwa esandleni sami.

18 Manje, angikwazi ukudla amasenti angamashumi amabili nanhlanu, kodwa amasenti angamashumi amabili nanhlanu azothenga isinkwa. Futhi manje, ukukholwa kungamasenti angamashumi amabili nanhlanu, uma unokukholwa enhliziyweni yakho, ujabule impela nje ngokukholwa ukuthi

isandla sakho esikhubazekile sizonyakaza, njengoba ubungaba njalo uma ubusinyakazisa, ngoba ngukukholwa okungamandla okuthenga okuphulukiswa kwakho.

19 Manje mhlawumbe ngamasenti angamashumi amabili nanhlanu, bengiyolamba nje njengoba benginjalo ngaphambi kokuba ngemukele amasenti angamashumi amabili nanhlanu, futhi ngingahle ngidingeke ngihambe amamayela amaningana ngaphambi kokuba ngithole ulofu wesinkwa, ngingahle ngidingeke ukuba ngedlule esiqintini sameva, phezulu ngale kwentaba, ngiwele ibhuloho, ngigxambuze emanzini, kodwa ngaso sonke isikhathi ngiyahamba, ngiyathokoza ngoba nginamandla okuthenga alowolofu wesinkwa.

20 Futhi lapho ukukholwa ngempela kushaya inhliziyo, akudingi ukuba kube yisimangaliso esizenzekelayo njengoba besibhekisisa izolo ebusuku, indoda ilele lapha ohlakeni lombhede, inesikhulukazi, isimo esivuvukele esiswini sayo, futhi bengilungiselela ukuhamba, noMoya oNgcwele ungibizile, ngase ngibuka ngase ngibona umbono phezu kwendoda, futhi ngesikhathi isaphendula kukho isisu sayo sehlile ngqo *kanjalo*, futhi yaphuma ohlakeni lombhede yahamba, ithokoza esakhiweni; noma abantu abasezinhlakeni ngobunye ubusuku, noma abasesihlalweni esinamasondo.

21 Niyabo, akudingi ukuba kwenzeke kanjalo, inqobo nje uma ukholwa ukuthi ku*zo*kwenzeka kanjalo, ungathokoza kakhulu nje, ulele kulolohlaka lombhede kulobubusuku, lensizwa, noma umfo osemusha osesihlalweni esinamasondo, ungathokoza kakhulu nje lapho ukukholwa kubambelela, kuthi unakho, njengoba ubungaba njalo ukuba ubugijima wehla wenyuka kulesisikhala sezihlalo njengoba nje ubuphumile esihlalweni esinamasondo.

22 Niyabo, kungukuqiniseka ngezinto ezithenjwayo, kuyiqiniso ngezinto ezingabonwayo. Awudingi ukuthinta lutho, awudingi ukunambitha lutho, into kuphela ofanele uyenze ukukholwa okuthile, futhi kuba yinto eyiyo ngqo, into onayo, lokho ukukholwa kwakho.

23 Ungeke wakwemukela ngomcabango wobuhlakani, lokho ngubuhlakani, izingqondo zenu zizozindla, kodwa ukukholwa akuzindli. Uma unokukholwa kobuhlakani, khona-ke lokho nje ukukholwa kokuzindla, uyothi, "Awu, uma nje kuphela bengiphulukisiwe, bengingasukuma. Uma nje kuphela bengiphulukisiwe, lesisigaxa besiyosuka. Ukuba nje kuphela bengiphulukisiwe, bengiyozizwa ngokwehlukile. Uma nje kuphela bengiphulukisiwe, udokotela ubeyongitshela kanjalo." Kodwa lapho unokukholwa, bonke odokotela ezweni abasoze bakutshela noma yini ehlukile, unakho lokho, kungukuqiniseka ngezinto ezithenjwayo, kuyiqiniso ngezinto ezingabonwayo.

24 Manje, ngokwejwayelekile, sithola abantu abaningi bayesaba ukukwemukela. Futhi, ngokwejwayelekile, abantu abanokukholwa ngumuntu othize oye wakubona ukukholwa. Manje, lapho wemukela uJesu njengoMsindisi oqondene nawe, ayikho indlela ezweni yokuba uke usindiswe, kuphela ngokukholwa kwakho, ubufanele ukwemukele, ubufanele ukukholwe. Qaphelani, ubungehlela e-altare futhi ubungakhala ubusuku bonke, futhi ubungashaya phezu kwe-altare futhi udazuluke uze ungabe usadazuluka, futhi usalokhu ungasindisiwe; ubungazizwa ukahle ngempela futhi ugijime yonke indlu, umemeza, futhi usalokhu ungakasindiswa.

25 Udeveli angakushaya ngasesiqwini emizweni yakho. Uma bengifanele ngihambe ngemizwa yami, bekuyoba khona izikhathi eziningi ukuthi bengiyophuma ngakho konke esimweni, kodwa angiphumuli emizweni yami, ngiphumula phezu kweZwi elingenambandela likaNkulunkulu ophilayo Owenza isivumelwano nami uma bengiyokukholwa. Akusikho engikuzwayo, kuyilokho engikukholwayo. UJesu akazange athi, "Nikuzwile na?" Wathi, "Nikukholiwe na?"

26 Ukukholwa kuyenzeka, kungaphambili le kokuzwa, ubungezwa kulobubusuku sengathi usindisiwe futhi ugijima uzungeza futhi udumisa uNkulunkulu, futhi ngokusa okulandelayo ubungeke ube nomuzwa ngakho nhlobo, khona-ke uthi, "Ngilahlekile futhi."

27 Kodwa lapho ukukholwa kubamba ukuthi uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, wafa esikhundleni sakho, futhi Uba nguwe ezonweni zakho ukuze wena ezonweni zakho ube nguYe ekulungeni kwaKhe, futhi uMemukele njengeNhlawulo yakho kuphela ngezono zakho, khona-ke ukukholwa kuyabamba, futhi bonke odeveli abaphuma esihogweni abakwazi ukukugudluza. Ukukholwa kuyabekezela, ukukholwa kukhiya into ethize, kubeka uphawu into ethize.

28 Futhi uma umuntu ebenokukholwa ukwemukela uKristu, ukhuphuka esuka e-altare, uya ngaphandle, ahambisana naye uthi, "Awunalutho, ngani, amehlo akho aseluhlaza okwesibhakabhaka, leyo yisudu endala efanayo owawuyigqoka phakathi lapho, ngani, ikhala lakho likhulu nje njengoba lalinjalo ngenkathi ungena, imilobo yeminwe yakho iyafana nje, akukho-mehluko." Kodwa wena uyazi ukuthi kunomehluko. Futhi eminyakeni ezayo, nasezinsukwini namaviki, uzofakazisa ukuthi kunomehluko, ngoba ukukholwa kwakho kuzoqinisekisa ukuthi ungumKristu. Bangaki owaziyo ukuthi lokho kuyiqiniso na? Wonke owesilisa nowesifazane owake wemukela uKristu.

29 Awu, uma ungaphuma futhi wethembe isiphetho sakho saPhakade phezu kokukholwa kwakho, ungaphuma kakhulu kangakanani nalowomzimba wakho omncane phezu kokuBuyisana okufanayo, ukuthi Yalinyazwa ngenxa

yeziphambeko zethu nangemivimbo yaYo siphulukisiwe thina na?

30 Ngokwejwayelekile kuthatha isehlakalo. Izikhathi eziningi sizama ukuzifundisa thina uqobo ekukholweni, lokho ngubuhlakani. Kunomehluko omkhulu kakhulu phakathi kokukholwa kobuhlakani, nokwangempela, ukukholwa okuthunyelwe nguNkulunkulu. Ukukholwa kobuhlakani kuyazindla, neBhayibheli lasho ukuthi sifanele silahle phansi ukuzindla. Ungazihlanganisi ngalutho, ungazami ukukuzindla, kukholwe nje.

31 Manje qaphelani, ngesinye isikhathi u-Israyeli wabizelwa ngaphandle empini namaFilisti, namaFilisti ayebuthene ngaleya kolunye uhlangothi lwentaba, nesigodi phakathi kwawo, u-Israyeli ngakolunye uhlangothi. Futhi njengoba nje isitha sihlala senza, lapho sizizwa ukuthi sinamandla, siyathanda ukuhefuzela futhi siqhoshe ngakho, lapho sicabanga ukuthi singakwenza, sivele sikubeke phansi, uma isitha sicabanga ukuthi singenza leyonhliziyo yakho encane ibhakuze izikhathi ezimbalwa futhi sikwenze ucabange ukuthi awuphulukisiwe, siyathanda ukwenza lokho. Uma singakwenza ubuke isandla sakho bese uthi, "Asingcono," siyathanda ukwenza lokho, ngoba sikunqobile ngayo leyonkathi.

32 Ngibona induku yokuqhugela ibekwe emuva lapha ngasenenekazini. Uma singalenza likholwe ukuthi lizofanele lisebenzise leyonduku yokuqhugela ukuba liphume lapha liqhubeke, kubhaxabuliwe. Kodwa lapho lingayikukubuka lokho, kodwa liyobheka ngasesithembisweni sikaNkulunkulu, iyoshiywa esihlalweni. Ngeke . . .

33 Awu, uthi, "Sekuyiminyaka ngikhubazekile."

Lokho akuhlangene ngalutho nakho, kuyilokho uNkulunkulu akusho, yilowo umqondo.

34 Ungitshelile, ngenyuka, uSathane ukwenzile esikhashaneni esedlule, wathi, "Ushe iphimbo kakhulu ukuba ushumayele."

35 Ngathi, "Ungumqambimanga!" Futhi bekul'khuni ukuba nginyenyeze ngenkathi ngifika emnyango, kodwa ngingenile, noma kanjani, ngoba uNkulunkulu uzokwenza okuthize lapha kulobubusuku, mhlawumbe asindise umphefumulo othile, noma aphulukise abanye inhloso, ngenhloso ethize, futhi mina, umsebenzi wami ngukuma lapha, noma nginganyenyeza noma ngisho ngibhodle, uNkulunkulu uzokwenza okuthize, noma kanjani, ngoba Wathi Uyokwenza. Kungumsebenzi wethu ukuthatha ukuma kwethu, kungumsebenzi kaNkulunkulu ukusisekela; yenza ingxenye yakho futhi uthole ukuthi uNkulunkulu angeke yini enze eyaKhe.

36 Futhi lempi enkulu yamaFilisti, eyayihlala njalo iyimpukane emafutheni ku-Israyeli, babenophosela inselele omkhulu kakhulu laphaya ogama linguGoliyati. Ufanele ukuthi

wayengomkhulukazi, umfo omkhulu. Futhi bathi iminwe yakhe yayingamayintshi ayishumi nane ubude, nomkhonto ayewuphethe wawunjengenalithi yomaluki, cishe ukusuka lapha kuya odongeni. Futhi, o, wayethanda kanjani ukuqhosha, wayethanda kanjani ukuhlongoza nabantu!

37 Njengoba uzwa lowodeveli ofanayo namhlanje, ethi, “Uma ikhona into okuthiwa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, ikhehla uJones uhlezi phansi lapha ekhoneni, impumputhe, ethengisa amapensela, yehla futhi umphulukise, sizokukholwa.”

Lowo ngudeveli ofanayo owathi kuJesu, “Uma uyiNdodana kaNkulunkulu, yenza isimangaliso lapha phambi kwami, phendula lamatshe abe yizinkwa.”

Ngudeveli ofanayo owamboza indwangu ebusweni baKhe futhi waMshaya ekhanda ngenduku, wayesethi, “Wena, oprofethayo, sitshele ukuthi ubani okushayile.”

Udeveli, nguye ofanayo owathi, “Yehla esiphambanweni futhi sizokukholwa.”

38 UNkulunkulu akadingi kwenza noma yini ukuba athokozise umuntu, uNkulunkulu akahlekisi enzela noma ubani, UnguNkulunkulu futhi Akadingekile ukukwenza.

39 Ngakho lelisosha elamboza indwangu emehlweni aKhe futhi laMshaya ekhanda, lalizijabulisa nje phakathi kwalawomasosha. Abantu abaningi bathanda ukuthi, ukukhukhumalisa isifuba sabo, futhi bathi, “O, ayikho into okuthiwa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu. Mangibaphosele inselelo ukuba baphulukise *lona*.”

40 Omunye umfo wangitshela esikhathini esingeside esedlule, kuqala wenza isitatimende emsakazweni, emva kwami nje, ukusakaza kwami, wayesethi-ke, “Uma bengafakazisa ukuphulukiswa okukodwa, ngizonikeza inkulungwane yamadola.”

41 Udokotela wayelalele, lokhu kwakuseJonesboro, e-Arkansas, udokotela wayelalele, wangishayela ucingo, wathi, “Mfowethu Branham, awumtholi ngani lomfo othize obekhubazekile, nalomshumayeli owayenomdlavuza entanyeni yakhe na? Bayiziguli zami, ngingafakaza kuye ukuthi baphulukiswa ngamandla kaNkulunkulu.” Ngaqoqa umthwalo, futhi saya ngale endlini yalomfundisi.

Wangitshela, “Awu,” wathi, “ngiyakutshela, ufanele uye ngale eTexas.”

Ngase ngithi-ke, “Ufuna ngibayise laphaya na? Ngizofaka leyonkulungwane yamadola emsebenzini wobuthunywa benkolo.”

42 Wayesethi, “Awu, thatha intombazanyana bese uya laphaya, futhi uma uthatha ummese futhi usike ingalo yayo bese-ke uyiphulukisa phambi kwethu, futhi sizokukholwa.”

43 Ngathi, “Udinga ukuphulukiswa kwengqondo, noma yimuphi umuntu ubeyofuna ukusika ingalo yomntwana ukubona ukuthi ubengayiphulukisa yini!” Abaphilile ngisho nangokwengqondo, abakwazi. Kuyini na? Yingoba bayathanda ukuqhosha nokuqhumisa ngento abangazi ukuthi bakhuluma ngani, impela nje.

44 Yileyondlela uGoliyati ayeyiyo. O, wayethanda kanjani ukuqhosha! Wathi, “Ngizokwenza isiphakamiso: Vumelani amanye amadoda enu, nikhethe eyodwa, futhi ize ngapha futhi ilwe nami. Uma ngiyibhaxabula, khona-ke nonke nisikhonze; uma ingibhaxabula, sizonikhonza.” O, uSathane angakwenza kanjani kubukeke kunengqondo! Lokho ngabanobuhlakani. “Ngeke sibe nokuchitheka kwegazi, makuthi nje omunye wethu afe; umuntu oyedwa afe, sonke siphile.” Impela, wayenamandla.

45 Futhi wonke umuntu wayesabela ukufa. Futhi uma kwakukhona umuntu oyedwa esizweni sonke sakwa-Israyeli owayezohlonyiswa, ngokomzimba, ukulwa nesiqhwaga, kwakunguSawulu, wayekhanda namahlombe ngaphezu kwayo yonke impi yakhe, futhi wayeqeqeshwe kahle, wayekwazi konke ukuqondisa, ukuthi uwubamba kanjani umkhonto, noma uku, ukuthi usibamba kanjani isihlangu sakhe ukuba azuze, akusikho lokho kuphela, kodwa wayengumqeqeshi wamadoda. Indoda enkulu kunawo onke esizweni, indoda eqeqeshwe ukwedlula onke esizweni, kodwa elinye lamagwala amakhulu kunawo onke esizweni. Futhi yileyondlela okungayo namhlanje, akuthathi abafundile nabaqeqeshiwe, kodwa wayengakaze abeke uNkulunkulu ekuvivinyweni.

46 Kodwa ngoluny’usuku, kusukela emuva le kwingemuva logwadule kufika elincane elibukeka libomvana, ifindo elifinyezekile, indodana kaJese, uDavide, egqoke ijazi elincane lesikhumba semvu, wayephethe indwayimane esandleni sakhe. Lesosiqhwaga senza ukuqhosha kwaso ngesikhathi esingafanele. UDavide wabheka ngale wayesethi, “Niqonde ukungitshela ukuthi nizovumela lowomFilisti ongasokile ame lapho futhi adelele izimpi zikaNkulunkulu ophilayo na?”

47 Ungathini nje indoda encane kunawo onke emhlabathini ithatha inselelo yayo na? Indoda enkulu kunawo onke nendoda eqeqeshwe ngokwedlula konke nendoda ehlonyiswe kakhulu ukulwa nendoda kwakungubugwala. Mfowethu, akulele ekuqeqeshweni, kulele esehlakalweni.

48 Futhi uDavide walethwa phambi kukaSawulu, uSawulu wathi, “Ngani, leyondoda iyindoda yezempi, ibiyiqhawe kusukela ebusheni bayo, futhi awulutho kodwa osemusha.”

49 Kodwa wayekhuluma nendoda eyayinesehlakalo. Wathi, “Mnumzane, ngenkathi nginakekela izimvu zikababayi wami, phandle emva kwezintaba, ngolunye usuku kwababakhona ingonyama ingena, futhi yadumela enye yezimvu zami, futhi

yabaleka nayo, ngathatha indwayimane yami ngayishaya ngayilahla phansi, ngase ngilandela iwundlu lami, futhi ngenkathi ngikhipha iwundlu emlonyeni wayo, yangivukela, futhi ngayibulala."

50 Futhi wathi, "Ibhere liyangena lase lithatha elilodwa, ngase ngilishaya ngalilahla phansi." Wathi, "Futhi uNkulunkulu owangophula ezidladleni zengonyama, nasemlonyeni webhere, Uzongikhulula kakhulu kangakanani ezandleni zalowomFilisti ongasokile na?"

51 Wayengazi-sayense yezenkolo, kodwa wayemazi uNkulunkulu, wayenesehlakalo. Wayekhuluma nomuntu owayegcwele isayense yezenkolo yokulwa, kodwa wayengakaze abeke uNkulunkulu ekuvivinyweni. Kungaleyondlela namhlanje, akuthathi imfundo, akuthathi ukucabanga okuningi kakhulu, kuthatha inhliziyo ethobekile enikelwe emandleni okuvuka kukaKristu futhi yagcwaliswa ngoMoya oNgcwele eyaziyo ukuthi bakhuluma ngani.

52 Wathi, "Inceku yakho izohamba ilwe naye. Futhi uNkulunkulu . . . " Niyabo, into yokuqala kwakukhona isidingo, kwakukhona inhlekelele; futhi uma kwake kwabakhona inhlekelele, kumanje. "O," wathi, "Ngizohamba ngilwe naye."

53 Futhi, kusobala, uSawulu wayengenakumvumela ahambe kanjalo, wayazi kakhulu ngesayense yezenkolo yesimanje, wathi, "Phumela lapha bese ucosha inkemba yami, ake sibone ukuthi uyiphatha kanjani." Futhi wamembathisa izikhali zakhe, futhi ngenkathi lezizikhali ezinkulukazi zendoda ikhanda namahlombe kungaphezu kwayo yonke indoda ebuthweni lakhe yembathisa omncanyana, ofinyizekile ontekenteke, ungacabanga ukuthi imilenze yakhe emincane yakhothama kanjani namehlo akhe eqhunsukile, nesigqoko sesivikelo sehlele phezu kwezindlebe zakhe.

54 Wathi, "Susa lento kimi!" Njengomuntu ezwa ubizo lukaNkulunkulu, futhi uzofanele ahambe futhi achithe iminyaka engamashumi amabili yempilo yakhe efunda isiGreki. Awufuni ukwazi isiGreki, ufuna ukwazi uKristu, yilokho odinga ukukwazi. Wathi, "Susa into, angikaze ngiyilinge, angazi ukuthi lesayense yezenkolo izongenzelani, mangihambe nalokhu, lokho engaziyo ngakho."

55 Yilokho ibandla elikudingayo kulobubusuku, akusiso isikole sokukufundisa, ukuthola inqwaba yezinto kuwe engesiyo eyalapho, udinga ukukholwa nesehlakalo kuJesu Kristu ovukileyo ukuba wokhele umphefumulo wakho ngomlilo ukubiza lezozinto ezingekho, ngokungathi zazikhona. Yilokho izwe elikudingayo kulobubusuku, noma, lokho ibandla elikudingayo, hhayi izwe, ibandla; ungeke wasola izwe, kodwa ungalisola ibandla eselivele like laba nesehlakalo sokwedlula ekufeni lingene ekuPhileni.

56 Manje, uSawulu wathola ukuthi ivesti yakhe yobufundisi basesontweni ayizange iyenele indoda kaNkulunkulu, akusebenzi nje. Awudingi ukwazi isayense yezenkolo, udinga isayense yokuguqa ngedolo encane ukwazi uNkulunkulu.

57 Futhi wathatha leyondwayimane endadlana, yilokho kuphela ayenakho, yilokho kuphela ayazi ngakho, kodwa wayazi ukuthi uNkulunkulu wayeyisebenzisile leyonto enzela enye inhloso ukusindisa okuthize, kakhulu kangakanani Uyoyisebenzisa manje ukusindisa yonke impi ka-Israyeli na?

58 Futhi, mfowethu, angazi ngokufunda kwakho esikoleni, namakholiji akho amakhulukazi, kodwa ngazi into eyodwa, njengesoni ngoluny'usuku eshede elidadlana lamalahle ngafumana uJesu Kristu njengamandla ekuvukeni kwaKhe asindisa impilo yami.

59 Ngenkathi uDkt. Roy Davis owangigcoba eBandleni leMissionary Baptisti, futhi ngenkathi iNgelosi yeNkosi ifika kimi futhi yangitshela ukuthi ngangizothatha loMlayezo ngiwuyise emhlabeni jikelele, wathi, "Billy, udinga ukuphumula, kungcono uye ekhaya."

Ngathi, "Dkt. Davis, leyoNgelosi yama lapho futhi yangitshela lokho."

Wathi, "Wena onemfundo yasesikoleni yokukhulunywa nokubhalwa kolimi uzokhulekela amakhosi nababusi na?"

Ngathi, "Yilokho Eyakusho, futhi yilokho engikukholwayo." Ngathi, "Uma leso kuyisimo sokuziphatha sebandla lamaBaptisti, ngiyaliyeka ikhadi lami lenhlanganyelo." Ngi . . .

Wathi, "Ucabanga ukuthi ubani oyokulalela na?"

Ngathi, "Angazi, akusiwo umsebenzi wami ukubuza lokho, kungumsebenzi wami ukwenza lokho Athi angikwenze, ngumsebenzi waKhe ukuthumela omunye ukuba aKulalele."

60 Amahlashana amasasafrasi ami amadala, aseNingizimu, inkulumo yaseKentucky, u *his*, *hain't, tote, fetch, carry* kungahle kungabi . . . Empeleni, ngobunye ubusuku enhla lapha eFort Wayne, ngangishumayela, futhi emva kokuba inkonzo isiphelile, esinye isifundiswa sahlangana nami emuva emva kwesiteji, futhi sathi, "Mnu. Branham, ubufanele ube namahloni ngawe uqobo, ukukhulunywa nokubhalwa kolimi kwakho kumpofu kakhulu."

Ngathi, "Ngiyakwazi." Ngathi, "Angilitholanga ithuba lokuya esikoleni, mnumzane."

"Awu," sathi, "awu . . . usumdala ngokwenele manje."

Ngathi, "Kodwa kunabantu abaningi kakhulu abagulayo, mnumzane, ngifanele ngihambe, angikwazi ukuma futhi ngifunde imifundaze."

Futhi sathi, "Awu, ungafunda ngeposi."

Ngathi, "Kuyoke kungibambe kuphi na?" Ngathi, "Ngifanele ngiqhubeke nje."

61 "O," sathi, "ukukhulunywa nokubhalwa kolimi okusebenzisa phambi kwalabobantu, futhi uthe kubo kulobubusuku, 'Wonke umuntu odlula kule*polepiti* uzophulukiswa.'" Wathi, "Labobantu bebengakuthokozela kakhulu ukuba ubuthe *pulpiti*."

62 Lokho kwangigxoba izinzwane. Ngase ngithi, "Mnumzane, angifuni ukulimaza imizwa yakho, kodwa labobantu phandle lapho abanandaba noma ngithi *pulpiti* noma *polepiti*, bafuna ngiphile impilo uKristu ayenza futhi ngiveze lokho Athi kwakuzokwenziwa. Ngithola abantu basindiswe futhi baphulukiswe ngokuthi *polepit*, wenzani ngokuthi *pulpiti* na?"

63 O, akukho olwimini lwakho, kusenhliziyweni yakho uNkulunkulu afuna wazi, hhayi ekhanda lakho, kodwa enhliziyweni yakho. Yebo. UDavide wabulala uGoliyati.

64 KwakunguMose, umprofethi omkhulu, kanjani ukuthi uma kwakukhona noma yiyiphi indoda eqeqeshiwe, futhi iqeqeshwe kahle, kwakunguMose, o, wayethathe zonke iziqu iGibhithe elalinazo, futhi wayengafundisa abantu babo isayense yezenkolo, wayeyindoda ehlakaniphe kunawo onke eGibhithe. Futhi wayegcwele iminyaka engamashumi amane ubudala ngenkathi ephuma ukuyokhulula abafowabo, kodwa, niyabo, wenza iphutha. Futhi u. . . UNkulunkulu wamkhiphela emva kogwadule, futhi lapho wahlala iminyaka engamashumi amane ukuba uNkulunkulu ashaye akhiphe enye yaleyosayense yezenkolo kuye; athathe ubumba, alushaye phansi luze lulungele.

65 Futhi ngoluny'usuku, ngenkathi lelikhehla lalisemuva lapho kwingemuva logwadule, lilusa izimvu zikamukhwe walo, uJethro, labona isihlahla sivutha, futhi lenyukela eBukhoneni balesisihlahla. Manje, lalineminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala, futhi lalazi kakhulu ngoNkulunkulu ngemizuzu emihlanu eBukhoneni balesosihlahla, kunoma lafunda eminyakeni engamashumi ayisishiyagalombili ezikoleni zaseGibhithe. Impela. Lokho uMose ayesilele ngakho, isihlahla sasinakho; nalokho amakholiji akusilele kulobubusuku, uMoya oNgcwele unakho: uMlilo kaNkulunkulu ofanayo. Okudingwa yizikole nguMlilo, uMoya oNgcwele noMlilo. EBukhoneni balowoMlilo, waba nesehlakalo; wayebaleka esuka eGibhithe ngaphambili, manje nangu uya eGibhithe.

66 Futhi ngezinye izikhathi uNkulunkulu angenza izinto eziyinhlekisa kakhulu emqondweni wenyama. Ungathini nje ngokusa okulandelayo na? UMose ehola imbongolo encane noZipora, umkakhe ehlezi egxamalazele lomnyuzi omncane nenganyana enqulwini ngayinye, uMose nendala, induku

eyomile esandleni sakhe, ubuhwanqa buphephukela eceleni, bedumisa iNkosi, behla phezu kwamagquma. Uma lokho kungesikho ukubukeka okudabukisayo emqondweni wenyama!

67 Omunye uthi, “Mose, uyaphi na?”

68 “Ngehlela eGibhithe ukuyolidla!” Ukuhlasela komuntu oyedwa. Kodwa into yakho yayingukuthi, wakwenza. Ngani na? Wayekade enesehlakalo, wayengenandaba ukuthi bangaki abaseGibhithe ababulala. Okokuqala ebulala oyedwa, wangena enkathazweni futhi wagijima, ngokulandelayo wabulala lonke ibutho, wayekade enesehlakalo noNkulunkulu. Okudingwa yibandla kulobubusuku, akusikho ukufunda esikoleni, kodwa isehlakalo sokuba nokukholwa, uMlilo, ngokomoya, uMoya oNgcwele noMlilo.

69 Ngenkathi ngisengumfanyana, ngaba nesehlakalo esithize nento efana naleyo, umlilo. Ngicabanga ukuthi nina bantu lapha abavela e-Ohio niyazi ukuthi yini ufudu lwasemanzini, umfowethu nami sathola olulodwa phandle emva kweplazi. Futhi, o, luyisonta kanjani imilenze yalo, niyazi, nekhanda lalo libheke phezulu! Lwaluyisidalwa esibukeka siyinqaba. Futhi sathi nje singakhuphukela kulo, ladonsa imilenze, ikhanda, nakho konke emuva kuleligobolondo, lavele lazivalela. Kungifaka emqondweni wayo yonke inqwaba yalabo *ababizwa* ngamaKristu. Uthi nje ungaphatha ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu noma uMoya oNgcwele, “O, *phh*! Asikholelwa kulokho.” Azivalele nje njengofudu lwasemanzini oludala. Kunjalo.

70 Awu, sasifuna ukulubona luhamba; futhi ngifuna ukubona ibandla lihamba, nalo. Kodwa lwalungakwazi ukuhamba luze lusebenzise imilenze yalo; nebandla ngeke lihambe uze wonke umzimba uhambe uyosebenza, nonke nina maMethodisti, maBaptisti, maPresbyterian, namaPentecostal. Ngathi, “Umzuzu nje, mfowethu, ngizolwenza luhambe.” Ngahamba ngase ngizitholela induku enezinsephe, ngempela ngaluthela ngayo, ayisizanga ngalutho. Ungeke ulushaye lungene kuzo, lapho ubhaxabula kakhulu, lwavele lwavala kakhulu.

71 Ngacabanga isikhashana, ngacabanga, “Singalwenza kanjani luhambe na?” Ngalwehlisela egatsheni elincane, ngathi, “Uma lungahambi, ngizoluminzisa.” Ngase ngilubamba ngezandla zombili ngase ngiluhlohla ngaphansi kwamanzi, amagwebu ambalwa nje aqubuka futhi kwaba yilokho kuphela. O, ngiyazi nibe nazo zonke izinhlobo zemibhaphathizo, ukufafaza, nokuthela, nenza amahlelo ngakho. Kodwa kwenzekani na? Behla beyisoni esomile futhi bakhuphuke bengesimanzi. Yilokho kuphela. Akusizi ngalutho. Ungeke wakushaya kungene kubo, noma ukubhaphathize kungene kubo.

72 Niyazi ukuthi ngenzani na? Ngazitholela izinduku nesiqephu esincane sephepha, ngabasa umlilo ngase ngibeka umfana omdala phezu kwawo, wanyakaza khona-ke. Futhi uma kukhona noma yini ezonyakazisa ibandla likaNkulunkulu ngumbhaphathizo kaMoya oNgcwele uwa futhi, hhayi enye indlela yokubhaphathiza, noma enye indlela ukusho *lokhu*, *lokho*, no*kunye*, isayense ethize yezenkolo entsha, kodwa nje ukuvumela uMoya oNgcwele wehlele ebandleni futhi, uMlilo. Inkathazo yakho ingukuthi, wasusa uMlilo e-altare wase uWufaka esitofini, Udinga e-altare nakuyo yonke inhliziyo futhi. Imvuselelo kaPawulu oNgcwele eyifeshini endala noMoya oNgcwele weBhayibheli ungamandla avusayo kaNkulunkulu.

73 Ngangingaleya ngesinye isikhathi endaweni kaloliwe, futhi babesanda kwenza enye yalezi zinjini ezintsha zakwaZephyr kanye nesitimela, futhi ngaba nenhlanhla yokudlula esitimeleni. O, sasibukeka sisihle kakhulu, sasinayo yonke imisebenzi yaso ye-aluminiyamu kuso. Ngangena ekamelweni lokudlela, futhi o, kwakubukeka kukuhle kakhulu. Ngaya kwinqola yesitimela kanokusho okulalwa kudlelwe nakuyo nakuzo zonke izinqola zesitimela, izihlalo zazinethezekile kakhulu futhi zazibukeka zizinhle kakhulu.

74 Cishe njengamabandla namuhla, imicijo emikhulukazi iphakeme, uDkt. Ph.D., u-L. abaphindwe kabili no D., i S.S.D., noma olunye uhlobo, bemi emva kwepulpiti begqoke ingubo ende enhle, benezinwele ezisongene, bangakhothama futhi bathi, "A-men," omuhle kunabo bonke. Mfowethu, ngikhathele ngidinwe kakhulu yilobubuvangeli baseHollywood, angazi ukuthi ngenzeni. Abesifazane behla nge. . . behla benyuka emsamo, abadlali bopiyano!

75 Umfo wangilandela ngesinye isikhathi mayelana nendoda enganginayo isebenza kanye nami, futhi wathi, "Ngeke sakumela lokho, lowomfana ubhema osikilidi."

Ngathi, "Uyisoni, ushayela nje itrakhi, ulishayele laphumela lapha."

76 Ngaleyontambama, ibandla lobungcwele, wayefuna ukungethula kumkakhe. Ngiyanitshela, angihlekisi ngamuntu, kodwa lowo osazofa bandla wayegqoke ingubo eyayimpintsha *kakhulu*, namacici amakhulukazi amade, nenqwaba kapende, ngathi, "Ngabe ungongcwele na?"

Wathi, "Yebo, mnumzane."

77 Ngathi, "Ubukeka efana nongenjalo kimi." Ngathi, "Leyontombazane ikude kakhulu kukho." Angikusho lokho ukuba kube yihlaya, ngiqonde ukuthi lelo yiqiniso. Kunjalo. Esikudingayo nguMoya oNgcwele noMlilo nesehlakalo ebandleni ukuhlanza amanyela, kukubumbe futhi kukushise. Angikusho lokho ukuba kube yihlaya, lokho yi. . . lena akusiyo indawo yokwenza ihlaya, nginitshela nje izimo zebandla

nalokho esikudingayo. Sine. . .Lokho kwakusehlelweni elihle, abantu bobungcwele, futhi.

78 Unebandla elikhulu, unelikhulu ngokuthe xaxa—unebandla elikhulu ngokuthe xaxa, ibandla elikhulu ngokuthe xaxa, unama-ogani awedlula onke, wawuvamise ukuba sezansi esitaladini nesigujana ithamborini esandleni sakho. Ubuyoba ngcono kakhulu ezansi lapho nesigujana ithamborini esandleni sakho noMoya oNgcwele enhliziyweni yakho, kunokuba sezansi lapha nesonto elikhulu elihle elinezihlalo zikanokusho, futhi kungasasele lutho.

79 Ngabuka lesisitimela esidala lapho ngedlula kuso, ngathi, "Sizohamba nini na? Singahamba na?"

Wathi, "Qhabo, mnumzane."

Ngathi, "Ngingathanda ukugibela kancane."

Wathi, "Asikwazi ukuhamba."

Ngathi, "Ngani?"

Wathi, "Akukho-mlilo enjinini."

80 Yileyo indaba ngebandla namhlanje, konke kungokukanokusho futhi kwahlotshiswa, kungekho-Mlilo enjinini; ungahamba kuphela ngoMlilo. O, esikudingayo namhlanje ngomunye futhi uMoya oNgcwele noMlilo!

81 UMose wayesemlilweni ngenkathi ehla, impela wayenjalo.

82 Ngesinye isikhathi kwakukhona indoda egama linguSamsoni, yayingumahluleli ka-Israyeli ngezinsuku zabahluleli. Futhi *othiwa* yisithandwa sakhe wambopha ngezintandela ezithile, futhi wayekwazi ukuzigqashula.

83 Kwase kuthi-ke amaFilisti eza kuye, uSamsoni wama lapho futhi kwakukhona inkulungwane yamaFilisti imzungezile. Qaphelani, khona manjalo, lapho waba nesehlakalo, futhi lokho kwakuyileyongxenye ephindwe kabili kaMoya kaNkulunkulu, umkhulu kakhulu ngokwedlulele, wathululelwa phezu kwakhe, futhi wadumela umhlathi womnyuzi futhi wabulala inkulungwane yamaFilisti. Wayengakwenza kanjani na? Emva kokuba esebe nesehlakalo sikaMoya kaNkulunkulu phezu kwakhe, yilapho ayekwazi khona ukubulala amaFilisti.

84 Kwakukhona indoda encane, mhlawumbe nina befundisi anizange nifunde ngayo, igama layo kwakunguShamgari, utholakala esahlukweni 3 sabaHluleli nevesi 31, futhi wayengumlimi omncane nje, wayengazi kakhulu kangako, kodwa wayengumIsrayeli nje, ilunga lebandla nje. NamaFilisti ayengababaphangi kuwo ngalezozinsuku, ngoba ayengahlangene ndawonye.

85 Yileyondlela udeveli angenza ngayo ibandla, inqobo nje uma engakwenza ucabange, "NgiyiBaptisti, futhi nginakho konke. NgiyiPentecostal, futhi nginakho konke," uyophanga

ngokuqinisekile nje njengoba uhlezi lapho. Unebandla lilwa lodwa. Ngakho pho kanjani...? Uma nidubulana, uvele nje ahlale emuva futhi anidedele nikudubule.

86 Ngakho lomfo omncane wayesanda kusebenza kanzima ihlobo lonke, futhi wayebeke ukolo wakhe phezulu nebhali lakhe enqolobaneni, wayemi lapho ebuka, futhi wezwa umsindo wehla ngomgwaqo, "*Gqishi*, *gqishi*, *gqishi*!" Futhi wabheka, futhi nakhu kufika amaFilisti angamakhulu ayisithupha, onke ehlome ngemikhonto.

87 Awu, wayengumlimi, wayengazi lutho ngokulwa. Futhi wabuka phansi umkakhe omncane emi lapho, mhlampe, nezihlathi zakhe ezincane, eziphaphathekile, izinyembezi zehla, ethi, "Shamgari, sizokwenzenjani kulobubusika na?" Uyibonile intombazane yakhe encane nezingalo ezingagqoke lutho, isiketi sayo esincane sigugile, mhlawumbe, incike odongeni, ikhala. Kwakuyini na? AmaFilisti eza ngqo ukuzokhipha lokho ayenakho; yileyondlela udeveli akwenza ngayo.

88 Niyazi ukuthini? UShamgari uqala ukucabanga, "Uyazi, angisiso isilwi, kodwa ngiyindodana ka-Abrahama, ngingowesizwe nozalo, futhi ngisokiwe, ngiyazi ukuthi uNkulunkulu wami usaphila, futhi kukhona inhlekelele eseduze!" NoMoya weNkosi wehlela phezu kwakhe, futhi wagxumela phandle lapho maphakathi nomgwaqo nocijo lwenkabi esandleni sakhe. Manje, leyo yinduku enegqunyana kuyo lapho ababengashaya khona inkabi futhi bayenze ilime. Futhi wagxumela phandle lapho nalolucijo lwenkabi esandleni sakhe, futhi washaya walahla phansi amaFilisti angamakhulu ayisithupha. Ngani na? Ngoba wayazi ukuthi wayengumIsrayeli, wayenelungelo, wayenelungelo emalungelweni awaphiwe nguNkulunkulu, wayesokiwe.

89 Futhi noma yimuphi umuntu lapha osokwe ngoMoya kaNkulunkulu, ozelwe ngokusha, noma yimuphi wenu bantu ogulayo, udeveli ungumkhohlisi, uzokuphanga, uzophaphathekisa izihlathi zakho, uzokwenza konke angakwenza, kodwa awusadingeki ukuba ukumele kade.

90 Wena uthi, "Angisuye umshumayeli,"

Kodwa ungumKristu. Wayengazi ukuthi alwe kanjani.

Wena uthi, "Angazi lutho ngokukholwa."

Thani qekelele, noma kanjani. Yebo, mnumzane.

91 Ngangingena e—ebhes-..., noma, inkundla yebhola lezinyawo ngelinye ilanga, ngase ngibona into encane ilenga odongeni eyayihlala njalo ingishaya, yasho lokhu: "Akusibo ubungako benja ekulweni, ngubungako bokulwa enjeni." Yilokho okukwenzayo.

92 Uma uyinja enkulu futhi uyigwala nje, uzobhaxabulwa noma ngasiphi isikhathi; kodwa ubungaba ngumdlwane

omncane nenqwaba yesibindi, ubungenza isitha sigijime noma ngasiphi isikhathi. Ngubungako bukaNkulunkulu waseZulwini okusenhliziyweni, futhi UnguNkulunkulu omkhulu naLowo olungileyo, usibekela yonke indawo nesikhathi, impela. Okudingwa yibandla kulobubusuku ngokunye ukubuyela kuNkulunkulu. Mm!

93 Kulungile. Kufanele ukuthi kwakunguFiliphu ngenkathi esendleleni yakhe ebuyayo noNathanayeli, futhi lapho ebuya, wayekwazi ukutshela uNathanayeli izinto ezazikade zenziwe, ngoba wayebone uJesu ngenkathi Etshela uPetru, "Igama lakho unguSimoni, igama likayihlo nguJonase; futhi kusukela kulokhu kuqhubeke Ngizokubiza ngoKhefase."

94 Kwakusemva kokuba uFiliphu esebe nalesisehlakalo ukuthi wayengatshela uNathanayeli endleleni, "Bengingeke ngimangale nakancane, kodwa lapho wenyukela eBukhoneni baKhe, ukuthi Uzokutshela ukuthi ungubani, uvelaphi, konke ngawe." Niyabo, wayekade enesehlakalo ukuthi uJesu wayengakwenza lokho.

95 Kwakungeyona into exakile, emva kowesifazane emthonjeni, wayengunondindwa nje owaphuma ukuyokha amanzi, futhi ngenkathi esakha amanzi akhe, umHeberu wayehlezi ngale encike odongeni, wayesethi, "Sifazane, Ngiphuzise."

Wathi, "Ngani, umthombo ujulile, futhi Awunalutho lokukha, futhi akusilo isiko, empeleni, ukuba nina maJuda nicele amaSamariya okunjalo."

96 Wathi, "Kodwa ukuba bewazi ukuthi Ubani obukhuluma naye, ubuyocela kiMi amanzi." Nengxoxo yaqhubeka, Wayesethi, "Hamba, ulande indoda yakho, uze lapha."

Wathi, "Anginandoda."

Wathi, "Kunjalo. Ubunayisihlanu."

Wathi, "Nkosi, ngiyabona ukuthi UngumProfethi. Manje, siyazi lapho uMesiya efika, Uzositshela zonke izinto."

Wathi, "NginguYe okhuluma kuwe."

97 Kwakungemva kokuba esebe nalesosehlakalo ukuthi wayengagijimela emzini, futhi athi, "Wozani, nibone uMuntu Ongitshele izinto engizenzile. Akuyena yini uMesiya Lona na? Akusiso yini isibonakaliso sikaMesiya na?"

98 Wena uthi, "Akulotshiwe emiBhalweni, Mfowethu Branham, ukuthi uMesiya uyokwenza lokho."

Kodwa wakusho, akakushongo na? UFiliphu wakusho, akakushongo na?

99 Ngifuna ukunibuza okuthize, futhi ikakhulukazi nina maJuda: Esinkweni ikosha eYom Kippur, umBhalo unikeza kuphela okuqoshiwe ophisi ababili besinkwa, kodwa, niyazi, banezintathu, nocezu oluphakathi nendawo luwucezu

oluhlephukile, uMesiya. Kwakuyini eyatshela uJobe ukuthi akambelwe kuphi na? Akukho-mBhalo olotshwe ngakho. Kwakuyini eyatshela u-Abrahama ukuba athenge lesosiqephu somhlaba lapho ngoJobe na? UJobe, ngenkathi uMoya ufika phezu kwakhe, futhi wathi, "Ngiyazi uMhlengi wami uyaphila, izinsuku zokugcina Uyofika phezu komhlaba. Nakuba izibungu zesikhumba zibhubhisa lomzimba, nokho enyameni yami ngiyakumbona uNkulunkulu," kwakusemva kombani nomlilo uJobe wayengakusho lokho. Kwakungaleyonkathi-ke ukuthi u-Abrahama wayengambela uSara. Futhi kwakungaleyonkathi-ke ukuthi u-Isaka walala noyise. Kwakungaleyonkathi-ke ukuthi uJakobe wafa ezansi eGibhithe kodwa waba nomfana wakhe ongumprofethi ukuba athi, "Beka izandla zakho enqulwini yami bese ufunga ngoNkulunkulu waseZulwini ukuthi awuyikuwambela amathambo ami ezansi lapha." Ngani na? Kwakungalotshiwe emBhalweni. Ngani na? Wayengumprofethi. Futhi wayazi ukuthi ukuvuka kwakungezukuba seGibhithe, kwakuzoba sePalastine.

100 Kungani uJosefa athi, "Ningawambeli amathambo ami ezansi lapha, ngifuna ambelwe phezulu lapho ezweni lesithembiso"? Ngani na? KuMathewu 27 iBhayibheli lathi ngenkathi uJesu evuka, ukuthi abaningi babangcwele ababelele othulini lomhlaba baphuma, futhi bangena emzini, futhi babonakala kubantu. Kwakuyini na? Kwakuyisambulo sokomoya. UJesu wathi yilapho Ayezokwakha khona iBandla laKhe. Niyabo, kusemva kokuba usujwayelane noNkulunkulu, ukuthi ungathatha iZwi laKhe nganoma yini.

101 Kwakungemva kokuba uJesu ebonise labobafundi kulowomuthi, wathi, "Akungabe kusadla muntu kuwe kusukela manje," futhi ngosuku olulandelayo bathola lesosihlahla sibunile. Kwakungemva kokuba sebebe nalesosehlakalo sokubona ukuthi uJesu wathi, "Yisho kulentaba, 'Nqukuleka,' ungangabazi enhliziyweni yakho, kodwa ukholwe ukuthi okushilo kuzofezeka, ungaba nakho okushoyo," emva kokuba babenalesosehlakalo.

102 Kulobubusuku, ngimi lapha, ngikhuluma ngeZwi, yini Leyo kulendlu lapha kulobubusuku eyenza lokhu kushukuma okukhulu na? Yini Eyenza izinhliziyo zethu zizwe ngokwehlukile phakathi lapha khona manje kunalokho ekwenzile ngenkathi siphandle esitaladini na? NguMoya oNgcwele, NguMoya kaKristu ubuthene nathi lapha. Manje, emva kokuba usube nalesisehlakalo, khona-ke ungabiza lezozinto ezazingekho ngokungathi zazikhona ngokuphulukiswa kwakho. Kusemva kokuba usube nesehlakalo.

103 Kwakungemva kokuba uKleyophase esethole uJesu ekamelweni, yena nomngane wakhe e-Emawuse, noJesu wahlephula isinkwa amehlo abo avuleka, kwakungemva kokuba lokho sekwenziwe babengagijima ubusuku bonke

emuva phezulu lapho futhi batshele labobafundi, "Qiniso, Uvukile kwabafileyo. SiMbonile khona phansi lapho, futhi Wenze into efanayo Ayenza, njengoba Enza ngaphambi kokuba Abethelwe," emva kokuba sebeMbonile.

104 O mfowethu, namhlanje, asikho isidingo salelizwe labeZizwe lifulathela isibonakaliso sakho sokugcina, uJesu Kristu uvukile kwabafileyo, Ulapha kulobubusuku ngesimo sikaMoya oNgcwele, Ulapha ukukwenza nokwenza njengoba nje Enza ngaphambi kokubethelwa kwaKhe, Uvukile kwabafileyo, Unguye izolo, namuhla, naphakade. Ubungakungabaza lokho, kodwa uma Efika enkundleni emizuzwini embalwa futhi enze into efanayo Ayenza ngaphambi kokubethelwa kwaKhe, khonake uyisoni, kunjalo, uma ukuphika.

105 Yini *isono* na? Ukungakholwa. Ukuphuza, ukubhema, ukugembula, ukuphinga, lokho akusiso isono, lokho yimiphumela yokungakholwa. "Ongakholwa uselahliwe vele." Izinto ezimbili kuphela: lokho ngukukholwa noma ukungakholwa, nigcwele phama kulobubusuku ngokukodwa noma okunye. Nkulunkulu yiba nomusa!

106 UKristu, manje, konke ebengingakusho bekungeke kusho lutho eZwini elilodwa Abeyolisho. Uma uKristu, leNdodana kaNkulunkulu, ezofika enkundleni futhi enze njengoba Enza ngaphambi kokubethelwa kwaKhe, bangaki kini phakathi lapha abazoMemukela njengoMsindisi wenu noMphulukisi na? Thanini, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

Asikhuleke, sikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje.

107 Nkulunkulu obusisiweyo, okulandelayo kungokwaKho. Siyaqonda kulobubusuku ukuthi sidinga ukushukuma okukhulu kukaMoya oNgcwele, futhi Wena wedwa ungenza lokhu, Nkosi. Futhi ngiyakhuleka, kulobubusuku, ukuthi Uzobusisa futhi usindise zonke izoni, abangakholwayo, njengoba bebona isikhathi senyuka, nesikhathi siyaphela, isikhathi sesedlule kunoma sicabanga. Futhi ngiyakhuleka kulobubusuku ukuthi Uzobhekana nezinhliziyo zabesilisa nabesifazane, ayikho indlela kimi ukuba ngikwenze, ngingumuntu nje, Wena unguNkulunkulu, futhi ngikhuleka kuWe ukuthi, eGameni likaJesu, ukuthi Uzothumela uMoya oNgcwele phezu kwalesisakhiwo njengamanje, futhi ulethe ukulahlwa yicala phezu kwayo yonke inhliziyo ebinganakile ngokufika kwaKho. Siphe khona, Nkosi. Ngibheke Wena ukuba ukwenze, ngokuba ngikucela eGameni likaKristu.

108 Nawo wonke umuntu namakhanda abo ekhotheme, ngithanda ukunibuza umbuzo. Ngifuna nina phakathi lapha owaziyo ukuthi uma uJesu ubengeza kulobubusuku, ubuyoba ngongakulungele ukuhamba, inhliziyo yakho ayilungisene noNkulunkulu, ngifuna uphakamisele isandla sakho kuYe bese

uthi, "Nkulunkulu, yiba nomusa kimi," lapho uphakamisa isandla sakho.

109 UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise, yonke indawo, phezulu kovulandi abasesitezi, phansi lapha, okungenani amakhulu amabili ngakwesokunxele sami, ngakwesokudla sami. Nanti ikhulu, amakhulu amabili, noma ngaphezulu ngakuloluhlangothi, abesilisa nabesifazane phakathi lapha owaziyo ukuthi uma uJesu ubeyoza kulobubusuku, ubuyobe ungongazilungiselele. Angizukwenza ukubizela kwami e-altare khona manje, ngizolinda.

110 Umlayezo wami ubungukuthi kulobubusuku ukuthi ukukholwa kufika ngesehlakalo. Ngibe nenhlanhla yokukhuluma nabakaBuda, amaJain, ngishumayela, ngibona amashumi ezinkulungwane eza kuKristu, ngime epulpiti neBhayibheli ngesinye isandla neKoran kwesinye, futhi ngiyayala inkolo kaMohamede, futhi ngithi, "Uma uNkulunkulu engasebenzi ngokweZwi laKhe futhi enze zonke izithembiso zibe yiqiniso, khona-ke unelungelo lokwala uKristu," bhekisisa uSomandla efika enkundleni.

111 Manje, emva kukaKristu. . .Ngenkathi Elapha emhlabeni, Wathi, "Ngingenze lutho ngokwaMi," njengoba uDkt. Vayle esanda kuqeda ekuchaza nje, izinto Azenza, "Angenzi lutho aze uBaba aNgibonise kuqala." Wayibona imicabango yabo, Wabatshela ukuthi babengobani, ukuthi babevelaphi, ukuthi babenzeni. Wakwenza lokho phambi kwamaJuda, hhayi abeZizwe; Wakwenza kumaSamariya, kodwa Akazange nakanye akwenze kwabeZizwe. Wathi, "Ungasondeli kwabeZizwe." Ngani na? Inkomishi yobubi babeZizwe yayingakagcwaliswa. UNkulunkulu waphuphuthekisa amehlo abaJuda wayesewamukisa. UmSamariya wayengoxubile uhhafu nje, phakathi kweJuda noweZizwe.

112 Manje, ngifuna ukunibuza okuthize. Wathi, "Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza. Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona, nokho niyoNgibona nina; ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini kuze kube sekupheleni kwezwe." Manje, uma uJesu efika kulobubusuku, lapha emsamo futhi enze imisebenzi efanayo ngebandla laKhe. . .Manje, Usenguye, Usebenza ngokufanayo, into kuphela ehlukile kuYe ngumzimba wenyama. "NgingumVini, nina ningamagatsha." Igatsha lithela isithelo, hhayi umvini, umvini uletha ukuphila egatsheni, futhi onke amagatsha azothela isithelo somvini okuso.

113 Ngibone uDkt. Vayle ephethe, kulobubusuku, lesosithombe seNgelosi yeNkosi. Uma lowo kunguKristu, okungukuthi izwe lesayense lithi ukuKhanya kwashaya ingilazi eqoqa imisebe yokukhanya, lowoMoya ofanayo awukho amafidi amahlanu ukusuka lapho engimi khona khona manje, noma

ngingumqambimanga. Bewukhona sonke isikhathi kwehle njalo empilweni.

114 Wena uthi, "LeyoNsika yoMlilo inguKristu na?"

115 Yayinguye ngenkathi Ihola u-Israyeli edabula ehlane, ngenkathi Yenziwa inyama futhi yakha phakathi kwethu, uJesu wathi, "Ngivela kuNkulunkulu futhi Ngiya kuNkulunkulu." Emva kokufa kwaKhe, ukumbelwa, nokuvuka, uPawulu wahlangana naYe endleleni eya eDamaseku, Wayesebuyele eNsikeni yoMlilo futhi. Wathi, "Ungubani Wena, Nkosi na?"

Wathi, "NginguJesu, kul'khuni kuwe ukukhahlela ameva."

116 KwakunguYe Owangena etilongweni futhi wakhulula uPetru, NguYe namhlanje, eletha uMlayezo ofanayo, enza izibonakaliso ezifanayo njengoba izwe labeZizwe liphela. Masinya iVangeli lizoya kumJuda futhi namasonto angamashumi ayisikhombisa kaDanyeli azogcwaliseka. Ibandla labeZizwe liyovalelwa ngaphandle, njengoba ngishumayele ngakho izolo ebusuku, futhi nizoba ngabanganathemba, ngaphandle kukaNkulunkulu, niyoba yintombi eyayingenamaFutha esibanini sazo, futhi kuyoba khona ukukhala nokulila nokugedla amazinyo, njengoba impi yamaRashiya ingena lapha futhi idlwengula abesifazane ezitaladini, ithatha amakhaya enu, inishise, nezinto abayozenza ngenkathi befika lapha, izwe lobukhomanisi, okungukuthi isizwe sakithi siyikhekheba lezinyosi ngakho. Kodwa iBandla lihamba ngaphambi kokuba lokho kwenzeke. Uma Ezokwenza kulobubusuku, kwangathi uNkulunkulu anganibusisa.

117 Baba Nkulunkulu, bangabaKho manje. Abanye abangamakhulu amathathu noma amane baphakamise izandla zabo ukuba baKwemukele njengoMsindisi wabo nokusondela kuWe. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzokwenza okuthize khona manje, ukuze babone ukuthi Uyaphila, ukuthi ukukholwa kwabo akuzukuyekela kusukela manje kuqhubeke.

118 Ngisanda kusho lokho izikhathi eziningi: isehlakalo. Manje, lababafundi babengeke bazi ukuthi Wawungabulala isihlahla ukuba Wawungakwenzanga. Abaningi balaba kulobubusuku ongakaze aKubone emandleni aKho okuvuka kwaKho, wenze imisebenzi Owayenza ngaphambi kokuvuka kwaKho, ngaphambi ngisho kokufa kwaKho, ukuthi Wakwenza kanjani, abazange bakubone, ngakho emva kokuba sebekubonile, khona-ke bayoba nesehlakalo, futhi bangaphuma futhi babe ngofakazi kuWe. Ngikhulekela ukuthi Uzosipha khona kulobubusuku, eGameni leNdodana yaKho, uJesu. Amen.

119 O-I? O-I noma o T? Kulungile, amakhadi omkhuleko akhishiwe. Asizukuba nendawo enkulu yokuma lapha, ngakho-ke sizofanele sibize abambalwa kakhulu. Ake sibone, izolo ebusuku sibe nalabo abebengenawo amakhadi omkhuleko. Bekungenjalo na? Sibize labo abangenawo amakhadi

omkhuleko; ngobusuku bangayizolo sivele nje sabeqa; ubusuku ngaphambi kwalokho, ngicabanga ukuthi sibize kusukela kwelokuqala kuya emashumini amahlanu, bese-ke kuba yikhulu uhlehle, noma okuthize.

120 Asiqale kulobubusuku ngekhadi lomkhuleko u-I, u-I, amashumi amabili-nanhlanu. Asikuthathe khona lapho, lokho kukwephula kwenye indawo. U-I, amashumi amabili nanhlanu, ukhona onalelokhadi na? Phakamisa isandla sakho. Emuva le phezulu kuvulandi osesitezi, kulungile, nenekazi, yehlela lapha ngqo, uma ungenza indlela yakho wehle udabule ezethamelini. U-I, amashumi amabili-nesithupha, phakamisa isandla sakho, uzokwenza na? Uma ungakwazi, uma ungakwazi . . . Omunye umngenisi fika laphaya ngakulabobantu, kukhona indoda ohlakeni lombhede lapho, nendoda eyodwa esihlalweni esinamasondo, ngiyakholwa. Omunye angahle abe yisithulu nesimungulu, futhi akezwa, ngakho bhekisisani ikhadi labo. Abangenisi phezulu kovulandi abasesitezi, bhekisisani ngokusondele. U-I, amashumi amabili nanhlanu . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

121 . . . amashumi amabili-nesithupha? Ubani onalelokhadi na? Phakamisani izandla zenu. (Ngisize Mfowethu Vayle, uma uthanda, ungeke na?) U-I, amashumi amabili-nesithupha. Ukuvulandi osesitezi na? Sukuma noma ngabe ungubani. U-I, amashumi amabili-nesithupha, sukuma ume ngezinyawo zakho, vayizelisa isandla sakho, uma ungakwazi. (Mhlawumbe iphimbo lami libuthakathaka kakhulu. Libize.)

122 Kulungile. Ayakhishwa nje, abafana bayehla, bakhiphe amakhadi omkhuleko, bawaxube onke ndawonye njalo kusihlwa ngaphambi nje kokuba kuqale inkonzo futhi bawanike noma ubani owafunayo. Omunye angahle athole elilodwa *ngapha*, nomunye athi ngqu emuva phezulu *lapha*, nomunye emuva *lapho*, noma ubani nje owafunayo. Akwenzi . . . Sizama nje ukuthola abanye abantu phezulu lapha, khona-ke, lokho nje kungukubenza bazizwe bekahle, ukuba benyukele emsamo, khona-ke lapho uMoya oNgcwele uhamba, Uphumela ezethamelini.

123 Bangaki oke waba semihlanganweni ngaphambili (Ake sibone izandla zenu.), futhi uyazi ukuthi lelo yiqiniso na? Kuhle. Bangaki olapha okokuqala na? Phakamisa isandla sakho. Cishe ingxenye nje. Into enhle nonke anizi ngesikhathi esifanayo.

124 Amashumi amabili-nanhlanu, amashumi amabili-nesithupha, amashumi amabili-nesikhombisa, sukuma uma uthanda. U-I, amashumi amabili-nesikhombisa. Ngiyabonga, mnumzane, woza lapha. Amashumi amabili-nesishiyagalombili, u-I, amashumi amabili-nesishiyagalombili. Phezulu lapha, inenekazi, yehla, nenekazi. U-I, amashumi amabili-nesishiyagalolunye. Kulungile, mnumzane. U-

I, amashumi amathathu. Kulungile, nenekazi. Amashumi amathathu-nanye, u-I, amashumi amathathu-nanye. Kulungile. Amashumi amathathu-nambili, amashumi amathathu-nantathu, amashumi amathathu-nane, amashumi amathathu-nanhlanu, amashumi amathathu-nesithupha. Bangaki eninabo manje na? Lokho cishe amashumi amathathu-nesithupha na? Amashumi amathathu-nesithupha. Asikwenze kuze kufike emashumini amane. Amashumi amathathu-nesithupha, amashumi amathathu-nesikhombisa, amashumi amathathu-nesishiyagalombili, amashumi amathathu-nesishiyagalolunye, namashumi amane.

125 Niyabo, manje, qalazani, nibone uma wonke umuntu ethola. . . izinombolo zabo ziyabizwa, abakwazi ukusukuma. Manje, lokho akusho ukuthi bazophulukiswa. Futhi angikwazi ukuphulukisa, uNkulunkulu unguMphulukisi.

126 Beseza, ake nginibuze manje, sisesikhathini ncamashi manje, cishe imizuzu eyishumi nanhlanu nje manje, ngenkonzo. Wonke umuntu akahloniphe ngokuzithoba ngempela nje, ahlale athule, abhekisise, akhuleke.

127 Bangaki owaziyo noma okholwayo ukuthi uJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade na? Phakamisa isandla sakho. Ngiyabonga. Manje, kuthiwani ngawe laphaya ongeke ube semgqeni womkhuleko na? Ngenkathi uNathanayeli engena emgqeni womkhuleko. . . Ngenkathi uPetru engena emgqeni womkhuleko, uJesu wamtshela ukuthi wayengubani, lapho evela khona, ukuthi igama likayise lalingubani. Bangaki okwaziyo lokho na? Phakamisa isandla sakho. UJohane oNgcwele isahluko 1. UPetru wakholwa.

128 Khona-ke uFiliphu wayemi lapho, wazungeza intaba futhi wathola umngane ogama linguNathanayeli, uyabuya emtshela ngakho. Futhi ngenkathi uNathanayeli ethi, "A, akukho okuhle obekungavela eNazaretha." Kwakungumuzi omncane omubi.

Wathi, "Woza ubone."

129 Futhi ngenkathi efika lapho, wenyukela emgqeni lapho uJesu ayekhona, noma phandle ezethamelini, kumbe noma ngabe kwakukuphi, ngizothi kwakusemgqeni, uJesu wathi, "Bheka umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!"

130 Wathi, "Ungaze nini, Rabi na? Awungazi. Waze kanjani ukuthi ngangingumIsrayeli na?" Bonke babegqoka ngokufanayo, wayengaba umArabu, wayengaba ngumGreki, izingubo zasePalestine nabo bonke, babenentshebe, nemishuqulo, kanjalonjalo, babebukeka bethi abafane, babengabantu abansundu. Wathi, "Ungaze kanjani na?"

Wathi, "Ungakabizwa nguFiliphu uphansi komuthi, Ngakubona." Bangaki owaziyo ukuthi lokho kuqinisile na?

Wathini lowomJuda na? "Rabi, UyiNdodana kaNkulunkulu; UyiNkosi ka-Israyeli."

UJesu wathi, "Ngoba Ngikutshele lokho, uyakholwa na?"

131 Ungakwenza njengoba—ungakwenza . . .? OweZizwe, ubungaMkholwa ngaleyondlela ngokufanayo nje njengoba kwenza umJuda na?

132 Ngenkathi, owesifazane emthonjeni, ngenkathi Emtshela ukuthi isono sakhe sasiyini, lapho inkathazo yakhe ilele khona, wathi, "Mnumzane, ngiyabona ukuthi UngumProfethi wena." Wathi, "Siyazi uMesiya uzokwenza lokho lapho Efika."

Wathi, "NginguYe okhulumayo."

133 Wagijimela emzini, wayesethi, "Wozani nibone uMuntu Ongitshele izinto engizenzile. Akuyena yini uMesiya Lona na? Akuyena yini uKristu lona na?" Uma leso kwakuyisibonakaliso sikaMesiya izolo, yisibonakaliso sikaMesiya namhlanje, ngokuba Nguyena izolo, namuhla, naphakade.

134 IBhayibheli lithi, uJesu washo qobo lwaKhe, "Angenzi lutho ngize Ngibone uBaba ekwenza kuqala." Bangaki okwaziyo lokho na? UJohane 5:19.

135 Manje ngunyaka wabeZizwe, yisikhathi. INkosi inibusise. Hloniphani ngokuzithoba, khulekani.

136 Manje, noma ngabe ubani okulomshini lapha, ubhekisise, ngoba . . .

[UDkt. Vayle ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] (Yebo.)

137 Manje, uDkt. Vayle usanda kungitshela nje uma omunye ezohamba, imizuzu elandelayo eyishumi nanhlanu noma kanjalo, kungcono ukuhamba manje, ungaKuphazamisi, sifuna inhlonipho yokuzithoba yangempela. Niyabo? Uthule nje njengoba ungaba njalo.

138 Bangaki owaziyo ukuthi owesifazane ngelinye ilanga wayengenalo ithuba lokungena emgqeni womkhuleko na? Futhi wayenomopho, futhi wathinta ingubo yaKhe, futhi wagijimela esixukwini, noJesu waphenduka, wathi, "Ubani oNgithintile na?" Wayengazi ukuthi ubani oMthintile. Uma Ayazi, Waxoxa indaba, Wayengenakuyixoxa indaba, ngoba WayenguNkulunkulu. Ngakho Wathi, "Ubani oNgithintile na?" Wonke umuntu wakuphika. Kodwa Waqalaza, lowo wesifazane omncane azi enhliziyweni yakhe ukuthi wayephulukisiwe, Wafumana lokho kukholwa. Wamtshela ukuthi umopho wakhe wase unqamukile ngoba wayekholiwe. Bangaki okwaziyo lokho na?

139 Ngabe iBhayibheli liyakusho lokho khona manje UngumPristi oMkhulu, ohlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu eZulwini, ongathintwa umuzwa wobuthakathaka bethu na?

Bangaki okwaziyo lokho na? Awu, uma EngumPristi oMkhulu ofanayo Ayenguye ngenkathi Elapha emhlabeni, besiyokwazi kanjani ukuthi Wayefana na? Uzofanele enze ngokufanayo.

140 Manje, wena ongenalo ikhadi lomkhuleko, phakamisa isandla sakho, ofuna ukuphulukiswa, ndawo zonke. Manje, bhekani kuMpristi oMkhulu, futhi nithi, "Nkosi Nkulunkulu, ngiyakholwa ukuthi uJesu uyiNdodana kaNkulunkulu, ngiyaMemukela njengoMsindisi wami. Futhi ngifuna ukuyikholwa leyondoda ngoba icaphuna umBhalo, ngikufundile izikhathi eziningi. Kul'khunyana kimi ukukubona khona manje, kodwa mangithinte ingubo yaKhe, mangithinte ingubo kaJesu, umPristi oMkhulu." Hhayi eyami, ngingumuntu nje, bekuyoba nje ukuthinta okufile. Kodwa Mthinte, bese uthi, "Nkosi Nkulunkulu, mangiKuthinte," futhi ubone ukuthi Akaphenduki yini emuva ngqo bese esebenzisa iphimbo lami ukukutshela into efanayo Ayenza kowesifazane emthonjeni.

141 O, mfowethu, lokhu akukho ekamelweni elimnyama, lokhu kuphandle lapha phambi kwenu nonke. Bangaki emgqeni womkhuleko lapha oyisihambi kimi na? Phakamisani izandla zenu. Nonke na? Bangaki phandle ezethamelini oyizihambi kimi, anginazi? Phakamisani izandla zenu. Angiboni ngisho nomuntu engimaziyo esakhiweni kulobubusuku, ngaphandle uma kunguMfowethu Gene Goad lapha namateyipu.

142 Manje hloniphani ngokuzithoba ngempela, hlalani nithule. Lesi yisikhathi lapho inkonzo yami itholakala iyiqiniso noma amanga. Manje, kunabantu abayizinkulungwane ezimbalwa phakathi lapha kulobubusuku, indawo igcwele phama. Manje, uma uJesu Kristu enguye izolo, namuhla, naphakade, Uzofanele enze ngokufanayo izolo, namuhla, naphakade. Khona-ke uma Egcina isithembiso saKhe kulokhu, Uyasigcina isithembiso saKhe kuwe ngokugula kwakho nanoma yini okunye. Ngabe kunjalo na? Bekuyoba l'khuni kangakanani lokhu kuYe ukuba akwenze kunokuba bekuyoba yikho ukuphulukisa ukugula kwakho na? Niyabo? Ukugula kwakho kusekuBuyisaneni, lokhu akunjalo, lesi yisithembiso.

143 Ngicabanga ukuthi siyizihambi, nenekazi. Manje bhekisisani, ezethamelini, manje hloniphani ngokuzithoba ngempela futhi nilalelisise. Manje, noma ngabe ubani okulomshini, kwenyusele phezulu ngangokunokwenzeka. Manje, nangu owesifazane engingakaze ngimbone, ngizophakamisa izandla zami, angikaze ngimbone owesifazane empilweni yami, njengoba ngazi ngakho. Uma siyizihambi, ubungasiphakamisa isandla sakho, nenekazi na? Okokuqala sihlangane.

144 Nasi isithombe ngqo sikaJohane oNgcwele 4 (Konke esikwenzayo noma esikushoyo kufanele kuvele emiBhalweni, kungenjalo ngeke sikwemukele.), owesifazane nowesilisa

behlangana okokuqala empilweni yabo. Manje, uma engumKristu, angazi. Angahle abe ngumgxeki, angahle abe ngumphikinkolo, angahle abe ngumgxeki ezifihlile, uma enjalo, bhekisisani ukuthi kwenzekani.

145 Uma ngitshele owesifazane ukuthi ubegula futhi nje ngaqagela ukuthi lokho bekuqinisile, angazi ukuthi uyagula, kodwa uma ngimtshelile ukuthi ubegula, futhi ngithi, "Ngibeka izandla zami phezu kwakho, manje uzosinda," ubeyoba nelungelo lokukungabaza lokho. Kodwa uma uNkulunkulu ezosho into ethize njengoba Enza kowesifazane emthonjeni, noma into ethize ayaziyo emuva empilweni yakhe eyenzekile, khona-ke uyazi ukuthi ngabe lokho kuyiqiniso noma qha. Futhi uma Azi ukuthi bekuyini, impela Unamandla ukwazi ukuthi kuzoba yini uma Azi ukuthi bekuyini. Ngabe yiqiniso lelo na?

146 Manje khumbulani, ngenza lokhu, hhayi ngoba kufanele kwenziwe, kodwa ngoba uKristu wethembisa ukuthi kuyokwenziwa. Niyakukhumbula lokho na? Futhi lesi yisibonakaliso sokuthi unyaka wabeZizwe uyaphela. Amabhomu ehayidrojini alenga ngaleya, elungele wena, lungisana noNkulunkulu, uHlwitho luyeza masinyane.

147 Ngifuna nje ukukhuluma nawe. Kungukuthi angikaze ngikubone, kungani ucabanga ukuthi uJesu wakhuluma nowesifazane emthonjeni na? Manje, awudingi ukuba ungiphendule, ngikhuluma nawe nje. Wakhuluma nowesifazane emthonjeni kuqala, ukubamba umoya wakhe. Wamcela amanzi, lokho ngukuthola ingxoxo. Futhi ngenkathi Enza lesisimangaliso kumuntu, wathi, "UyiNdodana kaNkulunkulu." Owesifazane wathi, umSamariya wathi, "UyiNdodana kaNkulunkulu."

Kodwa sathini lesosigejane esikhulukazi, esinesitashi samaJuda na? "Yena ungumbhuli, uBelzabule."

148 UJesu wathi, "Nikhuluma lokho ngokumelene naMi, kuzothethelelwa, kodwa lapho uMoya oNgcwele esefikile, wenza into efanayo, izwi elilodwa elimelene naWo alisoze lathethelelwa kulelizwe, noma ezweni elizayo." Manje-ke, uma uNkulunkulu ekwenza, bukani ukuthi lendawo injani lezizethameli ezikuyo kulobubusuku, bhekisisani ukuthi indawo enjani ongakholwayo akuyo, ukuba angalokothi athethelelwe, akunandaba ukuthi bayokwenzani. Lawo ngamaZwi kaKristu uQobo, amaZwi aKhe angehluleke.

149 Ngethemba ukuthi izethameli zingalizwa iphimbo lami. Kwangathi owesifazane angama athule. Owesifazane uvela ngaphandle kwedolobha, akasuye owakulelidolobha, kanjalo naye akaveli kulesisifunda noma kulesisizwe, ungowaseCanada, futhi ungowasendaweni ebizwa nge-Ontario. Nowesifazane ubegula isikhathi eside, uhlushwa yisimo ohlangothini lwakhe. Akazi ukuthi kuyini, ngoba owesifazane unemibono

yakhe uqobo ngoKristu, futhi uyakholelwa ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu, futhi hhayi usizo lukadokotela. Kunjalo. Indawo iphakeme, ikubangela lenkathazo, okuyizinyo elinegciwane.

150 Enye into, unomuntu othize engqondweni yakho omkhulekelayo, futhi leyo yindodana yakho, inokuhluleka kwemizwa. Futhi isedolobheni, idolobha elikhulu, elibizwa ngeToronto, eCanada. Kunjalo. Uma lezozinto ziqinisile okushiwo, angazi ukuthi kuyini, iteyipu izongitshela, uma lezozinto ziqinisile, phakamisani izandla zenu. Noma yini oyifisile. . . Ngenkathi wenyukela lapha, bekukhona ithunzi elimnyama phezu kwakho, ithunzi elimnyama selihambile, ngakho uphulukisiwe, kumbe noma yini oyicelile, ukwemukele. Buyela ekhaya lakho uthokoza. Uma Azi ukuthi bekuyini, Uyazi ukuthi kuzoba yini. Injabulo iphambi kwakho. Hamba uthokoza futhi ubonge uNkulunkulu.

151 "Uma ukholwa!" Manje, bangaki okholwayo na? Manje kholwani. Manje hloniphani ngokuzithoba.

152 Ngabe siyizihambi komunye nomunye, nenekazi na? Uma siyizo, singaziphakamisa nje izandla zethu ukuze abantu bezokwazi na? Uma iNkosi yethu uJesu ihlala ifana, IngumVini futhi singamagatsha aYo; ungowesifazane, ngingowesilisa. Uyezwa ukuthi kukhona okwenzekayo, kukhona umuzwa kowesifazane, uma ufuna ukuthatha izwi lami, kukhona o—othokomele ngempela, omnandi, omnene, umuzwa ukuthi khona manje uza kowesifazane. Kunjalo. Lokho kuKhanya okubonile esithombeni, kuzinza ngakuwe ngqo.

153 Owesifazane akasuye owakulelidolobha, akasuye owakulesisifunda, uvela edolobheni elibanzi, futhi phakathi nedolobha yizakhiwo ezindala, izindawo ezinkulu ezingamadwala, futhi useduze kweNiagara Falls, ungowaseBuffalo, eNew York. Futhi awukho lapha ngesingawe, umyeni wakho unawe. Uhlushwa yisimo sokwethuka, lesosimo sokwethuka silethwa ngenxa yokusha, nokusha kuyinkathazo yabesifazane. Umyeni wakho ufuna ukuphulukiswa, futhi. Inkathazo yakhe isebusweni bakhe, noma, ngumhlathi wakhe, nasemphinjeni wakhe. Ulapha manje, ngizwa umoya wakhe udonsa.

154 Futhi ukhulekela umuntu othile oyikhehla, nalelokhehla lingubabezala wakho. Futhi ngiyakubona wenza okuthile kuye, uzama ukumthola, noma umtshela okuthize, yisithulu, qhabo, akunjalo, uphuphuthekile, futhi waphuphutheka ngenxa yesifo sikashukela. Futhi useBuffalo manje. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Ngabe lezozinto ziyiqiniso na? [Udade uthi, "Konke, yebo."—Umhl.] Lonke izwi. Khona-ke hamba futhi wemukele lokho okucelile. UJesu Kristu uzokupha khona. Amen.

155 Woza. Ngiyethemba ukuthi lesi yisikhathi sethu sokuqala sokuhlangana, mnumzane? Ngolunye lwalezizinsuku sizoma eBukhoneni baKhe OSezindaweni zonke esikubo manje.

156 Manje, wonke umuntu, hloniphani ngokuzithoba ngempela. Khulekani lapho, nina eningenawo amakhadi omkhuleko manje, qalani ukukhuleka.

157 Omunye umuntu usanda kuphulukiswa, bekuyindoda, kodwa bekungesiyo lena. UMoya ukumuntu. Mnumzane, uyazi ukuma eduze kwami bekungeke kukwenze uzizwe kanjalo. Akumangalisi na? Ngifisa izethameli . . . [Umfowethu uthe, "NguNkulunkulu."—Umhl.] Ngiyabonga, mnumzane, khona-ke uzokwemukela umvuzo kaNkulunkulu. Yebo, iNkosi uNkulunkulu ikubusise, mnumzane. Ngiyisihambi kuwe. Uyagula, mnumzane, unesimo sokwethuka esikhulu kakhulu. Lesosimo sokwethuka sibangelwa i—ithambo lomgogodla elitshekile emhlane wakho. Futhi kungukuthi, ngoba lapha esikhathini esithile esedlule wawuphakamisa into ethize, kodwa kwabangela ijaqamba kwangathi liyafika, futhi kwadonsa ithambo lomgogodla.

158 Kanti futhi, ngiyakubona ulahlekile . . . Uvela etafuleni, wala ukudla, ngoba unenkathazo yesisu. Usanda kuphuma ekuhlinzweni, lokho kuhlinzwa bekuyinso esusiwe emhlane wakho. Kunjalo. Futhi uvela edolobheni elinohlobo oluthile lonxantathu eduze kwendawo ethiwa iPenny . . . O, yilelidolobha, ungowakulelidolobha. Igama lakho nguDavid McFarland. Hamba ngendlela yakho uye ekhaya futhi uphile. UJesu Kristu ukuphulukisile ngenkathi wenyukela lapho. Nkulunkulu, yiba nomusa!

159 Niyakholwa na? Hloniphani ngokuzithoba manje, ngiyacela, umzuzwana nje.

160 Lendoda ehlezi khona emuva lapha, ihlushwa yinkathazo yeqolo, khona lapho ekugcineni kwesihlalo, ayikwazi . . . Nkosi, ngisize! Mnu. Henderson, waseCincinnati. E-hhe. Manje niyazi ukuthi ngikhuluma ngobani, awazi na? Inkathazo yakho yeqolo, mnumzane, isikushiyile manje. Phakamisa izandla zakho futhi udumise uNkulunkulu, futhi uhambe ngendlela yakho, futhi uphiliswe, ngeGama likaJesu Kristu. Amen.

161 Uyakholwa na?

162 UMoya ulokhu uhamba. Khona emva kwendoda nakho kuhlezi inkathazo yokwethuka. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyakuphulukisa na? Phakamisa isandla sakho, ukwemukele uma ukukholwa. Sekuphelile manje.

163 Kukhona inkathazo yezinso, nenekazi, khona emuva lapho nesimo sezinso. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyakusindisa, nenekazi na? Uma ukholwa, phakamisa isandla sakho, ukwemukele. Phendula obizweni lukaNkulunkulu! Ukugejile.

164 Ngizokukhombisa ukuthi ngabe ukugejile noma qha: Kuwela kulelinenekazi elihlezi khona lapha neduku lalo phezu komlomo walo, lelinenekazi elihlezi khona lapha belinenkathazo yeqolo, nalo. Kunjalo, nenekazi, awuzange na? Yebo, mnumzane. Uvela nje ekuhlinzweni, ukuhlinzwa komdlavuza. Kunjalo. Igama lakho nguVirginia. Kunjalo. Uphulukisiwe, Virginia. UJesu Kristu uyakusindisa.

165 Ukugejile, Mnu. Anderson, ngoba awuphendulanga. Uyabo?

166 O, ungangakholwa kangakanani na? Niyakubona ukuzibusa kukaNkulunkulu na?

167 Ngiyisihambi kuwe, nenekazi. Angikwazi, asazani, uJesu Kristu usazi sobabili. Uma uNkulunkulu ezongembulela ukuthi iyini inkathazo yakho, uzokwemukela na? Uzokwemukela.

168 Hloniphani ngokuzithoba. Manje umzuzwana nje, kukhona okwenzekile. "Uma ukholwa!"

169 Dadewethu Kidd, ngiyazi ukhathazekile, angizukulibiza igama lakho, yilowomfana, lowomongozima. Ngiyakwazi uhlezi lapha noMfowethu Kidd. Manje yeka ukukhathazeka.

170 Kugcina igazi liza livela ndawondawo, ngi . . . O, kukhona khona lapha. Akuveli kuwe. Ku . . . Ulapha ngomfowenu, nomfowenu unesifo segazi esingavamile. Ngiyambona njengoba e—elahlekelwe eminye yeminwe yakhe, imilenze yakhe iphumile, elinye lamehlo akhe liphumile. Futhi into esemqoka, yena, ngiyambona eminyakeni emuva, wayengumKristu, othandekayo, futhi usehlubukile, futhi ulapha ukuba ume endaweni yakhe. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Uyakholwa na? UNkulunkulu akuphe, dade, isifiso senhliziyo yakho. Amen.

Yiba nokukholwa kuNkulunkulu. Ungangabazi, kholwa nje.

171 Uyagula, mnumzane, unenkathazo emehlweni akho, kunjalo, nemizwa yakho, futhi unesimila, nalesosimila sisentanyeni yakho. Kunjalo. Uyamkholwa uNkulunkulu na? Ukhulekela indodakazi yakho, futhi. Indodakazi yakho ayikho lapha, inesifo segazi, futhi isendaweni ebizwa ngeDayton, isesibhedlela. Igama layo nguStella, futhi usehlubukile, futhi ukhulekela umphefumulo wakhe. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Yithumelele leloduku, futhi ukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi izophuma kukho.

172 Haleluya! Ngiyazi nicabanga ukuthi ngiyahlanya, kodwa ngiyazi uMoya oNgcwele ukhona. Kholwani, ningangabazi.

173 Inenekazi elincane elinaleloduku phezulu emlonyeni wakho, unotwayi endlebeni yakho. Kunjalo. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Luzosuka kuwe, dadewethu, uma uzokukholwa.

174 Beka isandla sakho kulelonenekazi elihlezi eduze kwakho, libeka iduku lalo ukuze lisule izinyembezi, dade. Uyakholwa ukuthi inkathazo yesifuba somoya izokushiya na? Kulungile, khona-ke ungaba nakho.

175 Nginiphosela inselelo, eGameni likaJesu, ukuba nikukholwe!

176 Nakho kuhlezi indoda, ihlezi lapho ingibuka ngqo, iyakhuleka, inomuntu othize enhliziyweni yayo, lowo ngudadewabo. Kunjalo, mnumzane. Angikwazi, angikaze ngikubone, kodwa impilo yakho, ubungeke ucashe, sixhumana noMoya oNgcwele ngenxa yokukholwa kwakho. Uma uNkulunkulu ezongitshela ukuthi yini engalungile ngodadewenu, uzongikholwa na? Unesifo samathambo. Kunjalo impela. Akekho lapha, ngokuba useKentucky. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Kunjalo, phakamisa isandla sakho. Kulungile. Hamba ukholwa.

Yiba nokukholwa, ungangabazi.

177 Ucabangani, uhlezi lapha, indoda enkulu lapho, igqoke iyembe elimhlophe na? Uyakhuleka, nawe. Ushilo manje nje kuNkulunkulu, "Indoda mayikhulume kimi nendlala yami yesinye izoba kahle." Uyakholwa ukuthi kunjalo na? Uma ukukholwa, phakamisa isandla sakho, futhi ukwemukele, futhi ungaba nakho kulungile.

178 Awukholwa ngani na? O, Ufuna kanjani ukuphulukisa abagulayo nabahluphekile!

179 Uhlezi lapho ukhuleka, ekupheleni kohlu nalowo mongozima, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Uyakwemukela na? Ungaba nakho.

180 Inenekazi elihlezi eduze kwakho lapho, linenkathazo yokwethuka, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokususa kuwe, nenekazi na? Uyakukholwa, ungaba nakho.

181 Kuthiwani ngawe na? Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Uyakholwa ukuthi lezizinto ezenziwayo zivela kuKristu na? Angikwazi, angikaze ngikubone, uNkulunkulu uyakwazi. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho.

182 Lezizethameli, lokhu kungaqhubeka amahora; uyabona ukuthi simo sini okukufaka kuso. UJesu, ngenkathi umuntu oyedwa eMthinta. . .Kuyini lokhu na? Ngukukholwa kwakho, anginanto; angikwazi ukukusebenzisa lokhu, wena kusebenzise. Bukani isiphiwo sikaNkulunkulu sasikuKristu, WayenoMoya ngaphandle kwesilinganiso. Niyakukholwa lokho na? Ngenkathi uNkulunkulu eMkhombisa umbono, waMtshela ukuba asuke endlini kaLazaru, ngoba Akenzanga lutho uBaba waze waMkhombisa, futhi Wahamba wasuka endlini kaLazaru futhi wayenezinsuku ezine. Umbono wagcwaliseka, Wabuya, wehlela ethuneni, Wayesethi, "Baba, NgiyaKubonga Usuvele uzwile, kodwa Ngikusholo labo abami eduze: Lazaru, phuma," nomuntu, efile, wavuka. Akazange asho lutho mayelana namandla esuka kuYe. Ngani na? UNkulunkulu wayesebenzisa isiphiwo saKhe.

183 Lesisiphiwo esincane sifana nesipunu esigcwele samanzi aphuma olwandlekazi aqhathaniswa nalokho, kodwa ngamakhemikhali afanayo asesipunwini, akulo lonke ulwandlekazi. Khona-ke ngenkathi Edlula, akukho mbono, owesifazane wathinta ingubo yaKhe, lokho kwaMenza waba buthakathaka, Waqalaza, Wathi, "Ngibe buthakathaka," lowo kwakungowesifazane esebenzisa isiphiwo sikaNkulunkulu. UJesu nguyena izolo, namuhla, naphakade. Imibono iyafika, isho ukuthi kuyiwephi, nokuthi kwenziweni, kanjalonjalo. Khona-ke lapho singena kulemihlangano, okwenza ubuthakathaka ngukukholwa kwakho uqobo kudonsa kuNkulunkulu izinto ozifisayo, kwenza uJesu abenguye izolo, namuhla, naphakade.

184 Lona wesifazane lapha, angimazi, angikaze ngimbone empilweni yami. UNkulunkulu uyakwazi. Awusuye owalapha, uvela kwelinye idolobha, lokho kuvela eDayton. Kunjalo. Unenkathazo emgogodleni wakho, awunayo na? Unenkathazo esifubeni sakho, unokuphazamiseka kwabesifazane, kunjalo. Igama lakho unguNkk. Morgan, lelo yiqiniso. Manje, buyela emuva futhi uphulukiswe eGameni likaJesu Kristu.

"Uma ukholwa, konke kuyenzeka."

185 Uyakholwa na? Uyakholwa ukuthi leyonkathazo yeqolo iphulukisiwe, uhlezi lapho na? Uma ukholwa, suka emsamo uthokoza, uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi," futhi uphiliswe, uma ungakholwa.

186 Woza ngapha, nenekazi. Uyakholwa ukuthi inkathazo yenhliziyo isukile kuwe na? Suka emsamo uthokoza, uthi, "Ayibongwe iNkosi," futhi uphiliswe. Ungakungabazi nje, qhubeka nje ukholwa.

"Uma ukholwa, konke kuyenzeka."

187 Unenkathazo yeqolo futhi ukhathazwa yisifo samathambo. Uyakholwa ukuthi uJesu Kristu uzokusindisa na? Suka emsamo, uthokoza, futhi uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi, ngokuphulukiswa."

188 Ufuna ukuyodla ukudla kwakho kwakusihlwa futhi uphiliswe, inkathazo yesisu ikushiye na? Hamba udle ukudla kwakho kwakusihlwa futhi uphiliswe, eGameni likaJesu Kristu.

189 Uyakholwa ukuthi isimo sesifuba somoya sizokushiya na? Hamba ngendlela yakho futhi uthokoze, futhi uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi." Philiswa.

190 Ubunenkathazo yesisu, nawe, yaqala kuwe eminyakeni edlule ngenkathi unqamuka ukuya esikhathini, usuphulukisiwe manje, hamba ngendlela yakho, uthokoze, futhi uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi."

"Uma unga . . . "

191 Ubunenkathazo yenhliziyo, ngempela inkathazo yenhliziyo ibiyisimo esiswini sakho, lapho udla futhi ulale phansi,

kukwenza kube kubi kakhulu kunanininini. Usuphulukisiwe, hamba ngendlela yakho futhi uthokoze.

192 Ngiphosela inselelo sonke isixuku ukuba sikukholwe! "Uma ukholwa, konke kuyenzeka." Uyakukholwa na? Khona-ke bekani izandla zenu phezu komunye nomunye futhi asikhuleke.

193 Nkosi Nkulunkulu, Mdali wamaZulu nomhlaba, phulukisa lezizethameli, ngikhulekela ukuthi Uzosipha khona manje nje ngenxa yenkazimulo yaKho. Yehlisa amandla aKho futhi makuthi leli kube yihora uMoya waKho ozongena ngalo kulezizethameli, nokuthi ngamunye wabo uzophulukiswa. Siphe khona, O Nkulunkulu oPhakade.

194 Thumela uMoya waKho phezu kwalababantu, phezu kwalamaduku, futhi kwangathi bonke bangaphulukiswa khona manje. Zitholele udumo kuWe uqobo, O Wena oPhakade. Ngiyinceku yaKho, Nkosi. Hlonipha umkhuleko wabantu. Siphe khona, ngeGama likaJesu Kristu, ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu. Amen.

195 Ngifuna nonke manje okholwayo, emva kokuba usubone uJesu Kristu Ezifakazela enguye izolo, namuhla, naphakade, wena ophakamise isandla sakho esikhashaneni esedlule, uma ungikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe, nomkhuleko wami uzokusiza udlulele kuNkulunkulu, woza lapha ungixhawule, futhi ume lapha, khona manje. Siphe indlela e . . .

196 Ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kungokwento eyodwa kuphela, lokho ngukudonsela abantu kuKristu. Ngikholwa ukuthi akukho-muntu ogulayo phakathi kwethu khona manje. Ngifuna nize lapha, ngamunye okholwa ukuthi uNkulunkulu ukulendlu, futhi uphakamisele isandla sakho kuYe esikhashaneni esedlule ukuthi u—ufuna . . . futhi unelisekile manje ukuthi uJesu uhlala enguye izolo, namuhla, naphakade, futhi ufuna ngikhuleke kanye nawe, woza lapha khona manje sisacula futhi sikhuleka. Kunjalo. Nonke nina eniphendukayo futhi ofuna ukuza kuKristu, khuphukani nisondele ngqo manje. Phumani kovulandi abasesitezi, sinesikhathi.

197 Kulungile, sinike indlela lapho eculweni lethu, ndawondawo, kulungile. O, bukani kuza! . . . ? . . . Yilokho-ke. Nonke nina enikuvulandi osesitezi eningakwazi ukwehla, hambani nehle ngqo niye ezivimbelweni, uma ufuna uku—ufuna ukufakwa kulomkhuleko, ukuthi uyaphenduka, uyakholwa ukuthi uKristu umi eduze, uyakholwa ukuthi lezizibonakaliso zinikwa wena, ukuthi uKristu useduze, yimani ngqo phakathi kwezikhala zezihlalo uma ningenakungena lapha, khona-ke, noma, kuphakathi kokuthi, yimani phansi eduze kwendawo sisakhuleka.

198 Ngabe uNkulunkulu ukhulumile kini ukuthi nginitshele iqiniso na? Uma nikukholwa, phakamisa isandla sakho. Nanka amakhulu aphindwe ngamakhulu emile, kunamakhulu

phezulu kovulandi abasesitezi, bami macala onke, konke phansi naphezulu ezikhaleni zezihlalo, phansi naphezulu ngalapha, uza kuKristu emva kokuba usubonile futhi waba nesehlakalo, manje ufuna ukuthatha indawo yakho kuKristu, ukuMemukela njengokuninika yonke into eniyidingayo kuloluhambo.

199 Ngifuna abefundisi bakaNkulunkulu, omi ekhona lapha, ukuba benyukele emsamo kanye nami, nina bashumayeli ababambisanayo, wozani lapha emsamo umzuzwana nje, uzobona into ethize enjengokuthi awukaze uyibone esikhathini eside, mhlawumbe neze. Yenyukelani lapha, befundisi, nina zinceku zikaKristu yenzani indlela yenu niphumele lapha bese nenyukela lapha umzuzu nje.

200 O, uma noma ubani ubengabuka futhi abone lezizethameli! Abakwazi ngisho nokungena ezikhaleni zezihlalo, bamile nje ngendlela engcono ukwedlula zonke abangakwazi ngayo. Impela, uNkulunkulu uzokuhlonipha lokhu.

201 Kulungile, dade kwi-ogani, dlala *UKholo Lwami Lubheka KuWe*, vele ukuphakamisele phezulu ngangokunokwenzeka. Sonke manje, ndawonye, sicula lelihubo elidala elimnandi. Ngifuna umholi wamaculo eze lapha umzuzwana nje futhi asiphakamisele lokho, uma ethanda, ngiyacela, *Ukholo Lwami Lubheka Kuwe*. Kulungile, wonke umuntu:

> Ukholo lwami lubheka kuWe,
> Wena Wundlu laseKalvari,
> Msindisi ngokukaNkulunkulu;
> Manje ngizwe ngisakhuleka,
> Susa sonke isono sami,
> O makuthi mina kusukela kulolusuku
> Ngibe ngowaKho wonke!

Manje ngokuthula, namakhanda enu ekhotheme.

> Kwangathi umusa waKho ocebile ungapha
> Amandla enhliziyweni yami equlekayo,
> Ukushisekela kwami kuphefumulelwe;
> Njengalokho Wangifela, (Nisacabanga ngalokho manje:)
> O kwangathi uthando lwami kuWe,
> Lube msulwa, lufudumale, futhi lungaguquki,
> Umlilo ophilayo!

202 Asilihamishe kanyekanye manje. Jehova omkhulu, uMoya waKhe uhamba phezu kwabantu baKhe. Ngikholwe njengenceku yaKhe, ngiza njengomfowenu. Ngiza kini noMlayezo walesisizukulwane esifayo. Izinsuku zenu zimfishane, bangane, nisehoreni lesinqumo. INkosi uJesu!

203 Xolelani indlela yami ethobekile yokushumayela, angisuye umshumayeli kakhulu, kodwa ngemukeleni njengomfowenu ngenxa yezibonakaliso nezimanga uJesu azenzayo, Memukele

njengoMsindisi wakho manje, nowakho OWenele konke, Ongakunika isifiso senhliziyo yakho.

204 Ngokuzithoba, nisahamisha leliculo, bukani kuYe manje. “Bhekani kiMi, nonke nina majukujuku omhlaba.” Njengoba uMose aphakamisa inyoka yethusi, babheka baphila; buka uphile, noma ngabe siyini isidingo sakho kuKristu njengamanje.

205 Lababefundisi abami lapha balungele ukunemukela ebandleni labo. Uthi nje ungathola izono zakho ngaphansi kweGazi, bazokubhaphathiza ngombhaphathizo wamaKristu. Ubungeke usukume futhi wehlele lapha, ngaphandle uma uNkulunkulu ekutshele ukuba ukwenze, “Akekho ongeza kiMi, uma uBaba waMi engamdonsi kuqala. Wonke oza kiMi, Ngiyakumnika ukuPhila okuphakade, futhi ngiyakumvusa ngomuhla wokuphela.”

206 Mngane wami othandekayo, emva kokuba usubone amandla okuvuka kwaKhe, Ufakazisile kuwe kulobubusuku ukuthi Akafile, kulobubusuku, UnguMsindisi wakho, kusasa, UnguMahluleli wakho, yiba . . . Mthathe kulobubusuku, Mvumele akusindise kukho konke ukungakholwa kwakho, konke ukungabaza kwakho, konke ukunganaki kwakho. Manje, khuleka nje ngendlela engeyakho manje, sisakuholela kuKristu ngomkhuleko. Ngifuna nikhothamise amakhanda enu futhi nibe qotho nje, khulekani phansi kwephimbo lenu umzuzwana nje, ngenkathi nginikhulekela.

207 Nkosi Nkulunkulu, phezu kwalesisakhiwo lapho izinkulungwane zimi khona futhi zihlezi, uMoya oNgcwele, manje Ulapha ubhaphathiza, ungena kamnandi ngoMmese omkhulu kaNkulunkulu, iZwi likaNkulunkulu elibukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili. Siyazi ukuthi kulotshiwe emBhalweni, “Akekho ongeza kiMi, uma uBaba waMi engamdonsi kuqala,” Bafikile, Nkosi, bangabaKho, Wena banike iNdodana yaKho njengeziphiwo zothando.

208 Mina, njengenceku yaKho, ngikhuleka lomkhuleko wokukholwa, ngakho konke okuphakathi kwami. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi wonke owesilisa noma owesifazane omi lapha ekuzisoleni okujulile, onikela kuWe ukudumisa kwezinhliziyo zabo, ngikhulekela ukuthi Uzobapha isifiso sabo. Basindise esonweni, basuse emikhubeni yabo nokunganaki kwabo, basuse ekungakholweni kwabo. Siphe khona, Nkosi.

209 Futhi kwangathi lesi kungaba yisikhathi ukuthi emva kokuba lomkhuleko usuphelile, kwangathi uMoya oNgcwele ungehla uvela eZulwini njengokuvunguza komoya onamandla futhi ushanyele phezu kwalesisakhiwo. Ulapha, Nkosi. Ngibanikela kuWe. O Nkosi, siphe khona. Phulukisa ukugula okuphakathi kwethu.

210 Futhi manje kuSathane: Wehluliwe empini, uKristu unqobile. Ngiyakuyala, Sathane, eGameni likaJesu Kristu,

phuma kulesisakhiwo, phuma kulendawo, phuma kulababantu ngokuba bakhululekile! Ngiyabakhulula, eGameni leNkosi uJesu Kristu!

Phakamisani izandla zenu manje futhi niMnike udumo, noMoya oNgcwele wehlela phezu kwenu futhi unibhaphathizele eMzimbeni . . .

